# UKRISTU OKHONJIWEYO WAYO YONKE IMINYAKA

Ngiyabonga, mfowethu. Ningahlala phansi. Impela lokhu ngikuthatha ngokuthi kuyinhlanhla enkulu kulobubusuku, ukuba lapha eLouisville, eMississippi. Besisibhekile lesisikhathi, sekuyisikhathi impela, futhi ngicabange ukuthi ngiyofika eLousiville. Ngingaphesheya nje komfula ukusuka eLousiville, eKentucky, ikhaya lami lomdabu. Kubonakala njengofika ekhaya futhi, ukuba seLouisville.

Manje, phezulu lapho, abanye babo bayibiza nge "Luavul," "Louis–ville," ne "Lueyville." Futhi angazi ukuthi lithini lapha. Ngicabanga ukuthi thina, indlela engcono ukwedlula zonke, indlela ebengiyibiza ngayo njalo, bekuyiLousi–ville. Kubukeka sengathi i L–o–u–i–s– ibingaba yiLouis–ville. Kodwa, emuva ekhaya yi "Luavul," ne "Lueyville," ne "Louis–ville," ngakho nje sithatha ukuzikhethela kwethu, ukuthi yiliphi esifuna ukulisebenzisa.

Into enkulu ingukuthi, ukuthi, siqoqene ndawonye eGameni leNkosi uJesu. Sibuthene lapha kungesikho okwenye inhloso kodwa ukuMkhonza, nokuthi ukuze iGama laKhe elikhulu lihlonishwe phakathi kwethu, kakhulu. Uma si. . .Uma umhlangano usuphelile, khona–ke bekunga. . .Kungenzeka, njengoba bekungenzeka manje. Siyazi ukuthi siyaMhlonipha ngayo yonke inhliziyo yethu.

Futhi manje ngiza lapha phezu kwesimemo sabefundisi balesi, isigodi konke lapha, nalendawo. Futhi angizi nento ethize ehlukile kubo; iVangeli elifanayo nje. Ngiyakholwa, uJesu wake washo, ukuthi, "UMbuso weZulu ufana nomuntu othathe i—inetha wayeseya olwandle. Futhi ngenkathi eliphosa phakathi, wadonsa lonke uhlobo." Manje, yilokho esikuthola enethini leVangeli.

Uma umuntu ephosa inetha olwandle noma echibini elikhulu, kul'khuni ukuba azi ukuthi uzotholani lapho. Ngoba, ubengathola isikhuphashe. Futhi ubengathola inhlanzi engumthuthambi. Ubengathola izilwembu, inyoka, na—nanoma yini okunye.

Kodwa, ngumsebenzi wethu ukudoba ngenetha. Akusiwo umsebenzi wethu ukwehlulela. Futhi ngiza ukuthatha inetha yami, iNkosi enginike yona, bese ngiyifasa nalenetha yabantu, ukuthi, thina, amanetha amabili azokweluleka aye phambidlana nje kunoma kuzokwenza inetha eyodwa. Ngakho, ngifase inetha yami nani bazalwane lapha. Nonke nina bantu

lapha, eningabalawa amabandla ngapha, ngifase inetha yami nani, ukuba iphoswe phandle olwandle lapha, bese idonselwa phakathi bese kubonakala ukuthi ngabe iNkosi inabo yini abanye—abanye phansi phakathi lapha ongakabanjwa okwamanje. Futhi kwangathi iVangeli elikhulu leNkosi yethu uJesu Kristu lingakhonjwa kakhulu phakathi kwethu, kulobu ubusuku obuhlanu obulandelayo lapha, ukuthi sizobona bonke labo abangabanjiwe, ngalonyaka, babanjwe e—enethini yeVangeli, ukuba basetshenziselwe iNkosi.

Manje, thina, lokhu ngeke kwenziwa kodwa, kodwa. Kufanele kwenziwe ngobambiswano nomkhuleko, nathi sonke ndawonye, ukuba sihlangane thaqa ndawonye bese sihlanganisa izinhliziyo zethu ndawonye, bese sikhuleka.

Futhi manje sijabulele cishe imvuselelo yeminyaka eyishumi nanhlanu, okungukuthi ngokomlando inde kunanoma yiyiphi imvuselelo eseyake yahlala isikhathi esingako, ngokwazi kwami. Ngokwejwayelekile, imvuselelo ihlala cishe iminyaka emithathu, bese–ithola ukuhlakazeka. Kodwa ngokukholwa ukuthi lena ngenye yezimvuselelo ezinkulu zokugcina izwe eliyoyemukela, futhi ifike ngonyaka wokugcina, unyaka waseLawodikeya, ekupheleni kwesimiselo sesikhathi sePentecostal. Futhi ngikholwa ukuthi ibandla manje liphumela ekubeni sivivi kwalo, njengoba iBhayibheli labikezela. Futhi sibona nje ukubamba kwengxenye yokugcina, uma sibona izinto zenzeka njengoba bekwenzeka ezweni, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule.

Isibonelo nje. Ukuzamazama okukhulu komhlaba eAlaska. Akukaze kubekhona ukuzamazama komhlaba okunjengalokho, kuwo wonke umhlaba. Niqaphelile na? Kufika ngoLwesihlanu lukaGudi. Niyazi, isikhathi sokugcina umhlaba owazanyazanyiswa ngaso kwakungoLwesihlanu lukaGudi, futhi, ngenkathi iNkosi yethu ifa, futhi kwazamazamisa umhlaba wonke. Futhi khumbulani, kungahle kube yisibonakaliso saKhe ebuya. Washo, ukuthi, "Kuyoba khona ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo." Namhlanje sinokunye eCalifornia, futhi nje kubonakala ndawo zonke, ukuzamazama komhlaba okulula. Siyaqaphela, ngisho nesakhiwo sekoMkhulu sigudlukile endaweni yaso, futhi sahlehla. Na—nasezansi lapha eBaton Rouge, eLouisiana, kunedamu lokubhukuda lapho, lathi fu likhipha amanzi, kusuka kuthi ngqu kusuka eAlaska. Kwawelela eSwitzerland, eSweden, futhi kwadabula lapho, kwazamazamisa izindlu nezinto, umhlaba jikelele.

Ngikholwa ukuthi lokho kuzama ukuvula amehlo ethu, ukubona ihora esiphila kulo. Ngilapha ngokwesaba kokumesaba uNkulunkulu, ukuthi, kungahle kube masinya kakhulu kunoma sicabanga, okokubonakala kwaKhe.

Futhi mfowethu nodadewethu, ngisho nakubafo abancane, asibeke bonke ubuqotho esingabubeka. Lena kungahle kube yimvuselelo yokugcina esiyoke siyethamele, futhi singahle singayiqedi lena, kuze kube ngukuFika kwaKhe. Ngibheke Yena namhlanje. Uma Engekho lapha namhlanje, ngiyobe ngiMbheke kusasa, uma ngilapha. Futhi kade ngiMbhekile manje, selokhu ngezwa ngaYe ebuya, futhi lokho sekube yiminyaka engamashumi amathathu–nantathu eyedlula ngenkathi nginikela inhliziyo yami kuYe. Kade ngisemva kwepulpiti, iminyaka engamashumi amathathu–nantathu, ngizama futhi ngimemezela ingcebo yaKhe engaphenyekiyo yenkazimulo yaKhe. Futhi ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzoZenza aziwe kakhulu phakathi kwethu, ukuthi wonke ongakholwayo uzosindiswa, nabobonke abagulayo bazophiliswa, nabangcwele beNkosi, abantwana baKhe abakholwayo, bazophakanyiselwa e—eMoyeni.

Imvuselelo ayisho khona ukuthola amalunga amasha. Ivuselela lokho esesivele sinakho. Niyabo? Iyavuselela.

Ngama, ngesinye isikhathi esedlule, futhi ngibukela amagagasi eLake Michigan, ngibona, ngimi phandle lapho, emva kwemvuselelo enkulu eChicago. Ngibone a—amagagasi, ukuthi ayengena kanjani, ngebuya elikhulu nje, nje lishwibeka lingena liphuma. Ngacabanga, niyazi, kungikhumbuza ngeculo, "Izikhukhula zenjabulo phezu komphefumulo wami, njengokugingqika kwamadlambi olwandle." Nalawomagagasi aqala ndawondawo, phandle echibini elikhulu noma olwandlekazi. Futhi lapho eza, akha umfutho, ngaso sonke isikhathi. Bese–ke, ekugcineni, agadla ogwini; ukuba nje aphume, ukuba abuye angene.

Futhi yileyondlela amagagasi enkazimulo kaNkulunkulu elenza ngayo. Liyangena, nje njengoku—nje njengokugingqika, kuphindaphinda, emuva nemuva, futhi emuva naphambili, amagagasi enjabulo kaNkulunkulu ligingqika ngemiphefumulo yethu.

Ngiyamangala, "Kwakuyini umsebenzi walokho na? Yini umsebenzi wokuqunga kwamanzi ehla enyuka na?" Imvelo inendlela yokuzinakekela.

Njengabantu nje, manje, uma nisebandleni lenu nabelusi benu, uma ninesifundo sikaSonto sikole noma—noma into ethize esebandleni lenu. Mhlawumbe akukho kuxhuxhuma okwenzekayo, noma—noma lutho olungejwayelekile. Kodwa, nokho, ukhona impela nje uNkulunkulu enhliziyweni yakho njengoba ekhona uma ugxuma phansi–phezulu noma umemeza.

Ngacabanga, "Akwenzelani na?" Isizathu esifanayo uNkulunkulu anaso, imvuselelo, yisizathu esifanayo Asibekela imvuselelo olwandlekazi, ubeka imvuselelo kwichibikazi. Namanzi, equngeka ehla enyuka, akhipha yonke imfucumfucu

emanzini, ayiphosele onqenqemeni. Futhi ngicabanga ukuthi leyo yinto enhle, ukuthi sinezimvuselelo, nokuthi sikuthola konke ukukholelwa ezeni kusuke kithi, nalolonke i—i—izwe liphume, liqungeke liphume, bese eyikhiphela onqenqemeni, ukuze amanzi amaningi akhululeke kokunjalo.

Manje, kulobubusuku, kuthi ukuba yi . . . Okokuqala ukuba ngize ngibe lapha, futhi nokho angizizwa nginjengesihambi phakathi kwenu. A—angisiso. Ngingumfowenu. Futhi mina—futhi mina, kusobala, ubusha bokwazana nje . . . Cishe, abanye benu, ngiyazi angikaze ngibabone. Mhlampe anikaze ningibone. Futhi njalo kunalokho kuzwa okuqinile okuncane ovele nje . . . Kul'khuni. Futhi nje si . . . Kungaleyondlela nje, manje, ndawo zonke. Ngenza, ngiqala ohambweni lwami lwesishiyagalombili ukujikeleza umhlaba. Futhi ngi—ngi—ngiyakuthola, ndawo zonke, akunandaba ukuthi ukuphi.

Kodwa uma uthola abantu abangamaKristu, lapho uMoya oNgcwele ukhona, akunandaba ukuthi sizwe sini, ukuthi kukude kangakanani emenweni, noma kumbe kuyini, benza into efanayo oyenzayo uma wemukela uMoya oNgcwele. Benza nje into efanayo. Banenkululeko efanayo abayenzayo. Bakholwa ngendlela efanayo futhi baziphatha ngendlela efanayo nanoma yimuphi umKristu enza ngayo uma emukela uKristu.

Kodwa, phakathi lapho, uthola lokho kuqina. Futhi, ngiyacabanga, ubusuku bokuqala yisikhathi esihle ukuthi nje ukuthola ukwazana. Bese kuthi–ke, manje, manje–ke, lapho umhlangano uqhubeka futhi uqhubekela phambili, khona–ke sizokwazana kakhulu omunye nomunye kunalokho esiyikho manje. Kodwa, masinya kakhulu siyaphuma kukho, ngani, kangcono sizobanjalo.

UMoya oNgcwele uyakhophozela, ukhophozela kakhulu, kakhulu. Futhi—futhi lapho nje ninongakholwayo oyedwa noma umnqikazi ehlezi khona lapha, uMoya oNgcwele ungeke nje wasebenza, kul'khuni. Khumbulani, uJesu wahola indoda yayothi ngqu ngaphandle komuzi, ukuba ayiphilise, ngesinye isikhathi, uyisusa ekungakholweni. Uza emzini waKhe uQobo, neBhayibheli lathi, "Nemisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza." Asifuni ukukucabanga ngaleyondlela, kodwa iBhayibheli lathi Wayengenakuyenza. Niyabo? Akanakwenza lutho ngokumelana nenkolelo yakho. Ufanele ukukholwe.

Omunye ungitshelile, izikhathi eziningi, ethi, "Mfowethu Branham, angikhathali ukuthi kungenzekani; angiLikholwa." Awu, Lalingayi kulowomuntu.

Alisilo elabangakholwayo. Lingelamakholwa kuphela, labo abakholwayo. "Konke kuyenzeka kulabo abakholwayo." Abangakholwa abatholi lutho. Futhi ngakho a—abakholwa lutho nje, ngakho abatholi lutho. Uma nje bethole isayense

yezenkolo ebandayo, yilokho abakutholayo. Kodwa labo abakholwa kuNkulunkulu, futhi bakholwe ukuthi uJesu Kristu unguye nje impela namhlanje njengoba Wayelokhu enjalo njalo, yilokho abakwemukelayo. "Ngokukholwa kwakho nje, makube kuwe."

Futhi manje–ke phakathi lapha, bengicabanga ukuthi ngizonikeza, kulobubusuku, esizama ukukwenza.

Manje, ngiyazicabangela, ngokuthi lokhu kuxhaswe ngamaPentecostal, ukuthi iningi phakathi lapha ngabantu bamaPentecostal. Futhi yilapho engiphose khona unkatho lwami, nakuba ngingazange ngijoyine bandla lamaPentecostal, futhi kungekho bandla elithize. Anginahlelo, ihlelo elithize. Futhi, ngokukhuluma obala, anginkabunkabu kangako ngalo. Bangaba nalokho abafuna ukukwenza. Kodwa nidweba imigqa, niyabo, futhi uNkulunkulu—uNkulunkulu akayithandi imigqa eyakhiwe ebandleni laKhe.

Kungikhumbuza ngomfo, ngesinye isikhathi, wayenamanye amadada, futhi wa—wanquma amaphiko awo ukuze angakwazi ukundiza aphume esibayaneni. Wayenamanye amadada kwelinye icala, namadada ngakwelinye. Amanzi aqala ukungena. Into yokuqala niyazi, amanzi aya ngokuphakama ngokuphakama, namadada ayesehlangana ngaleyonkathi. Niyabo? Yilokho esidinga ukukwenza. Amanzi amaningi awakhuphuke, bese kuthi–ke amadada ahlangane, niyabo, ngaleyonkathi. Futhi sonke sisemanzini afanayo. Ngakho, imigoqo yobuhlelo ingantantiswa iphume, uma nje sizodedela amanzi amaningi athole ukujula ngokwenele.

Njengendoda yayinensimu yommbila. Umfo wayelokhu ethi . . . Wayenensimu eyodwa, izitshalo ezisuka *ngapha*; ezinye *ngapha*. Futhi ngakho umfo endiza ngaphezulu, njalo ekuseni, wayebuka leyonsimu yommbila. Wathi, "Leyo ayisiyo yini insimu enhle yommbila *lapha,* nenye *lapho!"* Emva kokuba ummbila usuthe ukuphakama kakhudlwana, wafinyelela yonke indlela ukuwelela othangweni, kwakubukeka njengensimu eyodwa. Ngakho ngiyethemba kuthola ngaleyondlela lapha, ukuthi singeyodwa enkulu, insimu yommbila enkulu esuka enhliziyweni iye enhliziyweni yoMbuso kaNkulunkulu.

Manje, inhloso yethu.

Manje, izikhathi eziningi, abantu bathi, "UMfowethu Branham, umphilisi ngokukaNkulunkulu." Qhabo. Yiphutha lelo. Munye kuphela umphilisi; lowo nguNkulunkulu. Akukho–muthi ongumphilisi, akukho–dokotela ongumphilisi. Akukho–dokotela okahle ozisho ukuthi ungumphilisi. Futhi uma ekwenza, khona–ke u—u—unitshela into eliphutha.

Ngaxoxisana neZelamani zakwaMayo, futhi zathi, "Asizisho ukuthi siphilisa abagulayo, Mnu. Branham. Kuphela sizisho

ukuthi silekelela imvelo. Munye kuphela umphilisi; lowo nguNkulunkulu." Futhi lokho kuphuse kanjani pho!

Ubungephuka ingalo; udokotela ubengayihlela. Kodwa ubengeke ayiphilise, ngoba akanalutho lokuphilisa. Bekuzofanele kwakhe inyama. Udokotela angahle akhiphe izinyo noma anqume akhiphe ithunjana iapendiksi, kodwa ubani ozophilisa na? Niyabo, iBhayibheli alinaphutha. IBhayibheli liqinisile kulolonke iZwi. "NgiyiNkosi Ephilisa zonke izifo zenu." Zonke! Akekho omunye! Akukho–qiniso. Abakatholi–lutho namanje olungakha inyama. Bathola imithi abangabulala ngophoyizeni igciwane, inyama ize—ize ihlumelele ndawonye. Kodwa, kuthatha uNkulunkulu, ukuphilisa. UNkulunkulu nguyena kuphela umphilisi okhona.

Ngakho, iBhayibheli liqinise ngokuphelele. Futhi yilokho esimi kukho: iBhayibheli. Kufanele kube ngu ISHO KANJE INKOSI. Manje, siyakholwa ukuthi uNkulunkulu angenza izinto engalotshiwe eZwini laKhe, ngoba UnguNkulunkulu. Wenza Akufisayo. Kodwa, nokho, ngiyathanda ukubona noma yini, uma sekufika emgqeni wemfundiso, iphuma eBhayibhelini. Ngoba, ngikholwa ukuthi iBhayibheli liyisambulo esigewele sikaJesu Kristu. IBhayibheli lathi Liyilokho. Yisambulo sikaJesu Kristu. Futhi akukho lutho olufanele lwenezelwe kuLo, kumbe noma yini esuswa kuLo. Ngakho, ngithanda ukuhlala ngqo kulokho Elikushoyo nalokho Elikuthembisayo. Uma nje Ezokwenza lokho Akwethembisa, yilokho kuphela engikhathalele ukukubona, empeleni. Khona–ke ngiyazi ngiyoMbona.

Manje, kulokhu asizami ukuba sithi ukuphilisa ngokukaNkulunkulu yikhona okukhulu, ngoba ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kuncane. Futhi ubungeke neze uthathe okukhulu ngokuncane. Kodwa cishe amaphesente angamashumi ayisishiyagalombili–nesithupha, ngicabanga ukuthi kulinganiselwa ekutheni, enkonzweni kaJesu, kwakusekuphiliseni ngokukaNkulunkulu. U . . .

Njengoba uDr. Bosworth wayevamise ukuba athi, okwami . . . Omunye wababambisene nami osanda kuya eNkazimulweni nje, iminyaka embalwa edlule, cishe . . . ngokuba cishe eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili–nane ubudala. Wathi, "Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kuyisicupho esisehhukwini lenhlanzi. Futhi awuyikhombisi neze inhlanzi ihhuku. Uyikhombisa isicupho, ngakho ithatha isicupho bese ithola ihhuku." Ngakho, lokho, kuyilokho–ke. Sifuna ukubamba izinhlanzi senzele inkazimulo yeNkosi; sizibambe sizikhiphe ezweni, bese siziletha eMbusweni kaNkulunkulu.

Futhi ngakho, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, into enkulu ngukuphilisa ngokukaNkulunkulu komphefumulo. Umzimba kaKristu, udinga ukuphiliswa kabi ukwedlula noma yini

engaziyo ngayo, nguMzimba kaKristu. Wephulwe kakhulu yisayense yezenkolo yomuntu nemehluko yobuhlelo, usuze waba nguMzimba ogulayo. Futhi ngi. . .Futhi ngiyanitshela, u—udinga ukuphiliswa, ukuphiliswa okukhulu. Ngakho ngi—ngithemba ukuthi iNkosi izokwenza into enkulu ngasekuphilisweni kwengxenye yaYo yoMzimba ophakathi lapha.

Sikholwa ukuthi linye, iBandla linye. Futhi asiLijoyini neze. NgoMsombuluko ozayo, ngizobe ngineminyaka engamashumi amahlanu–nanhlanu ubudala, nomndeni kaBranham awuzange ungicele ukuba ngijoyine umndeni wawo. Ngazalwa nginguBranham. Ngiyiwo kanjalo—ngiyiwo kanjalo–ke.

Manje, singamaKristu kanjalo–ke. Sizalwa singumKristu. Futhi awujoyini kukho. Uzalwa kukho. Bese–ke uthatha isimilo sikaKristu.

Manje, siyathola futhi ukuthi, kulokhu, abantu abaningi lapha eMelika, ikakhulu, ofundisiwe. Sinenqubo, noma, i—iNkosi yakuyala, ngakho kuhle, kokubeka izandla phezu kwabagulayo nokubakhulekela. Lokho kwaba ngukuthunywa kokugcina ebandleni. Lokho kuhle kakhulu. Futhi bekuqhutshwa, kusukela phansi eminyakeni. Njalo uma kuqhuma imvuselelo kunoma yimuphi unyaka, kwakunokuphilisa ngokukaNkulunkulu kunayo, nokungaphezu kwemvelo kukaNkulunkulu.

Futhi manje siyathola, kulonyaka, nokuzama kwami, engizama ukukuzuza ngempumelelo, yilokhu. Kubenokuningi kakhulu ngalolusuku lokugcina, kwabantu beshumayela ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, ofake okuningi kakhulu ukuzikhazimulisa kukho, ukuthi kunikeza ukunambitheka okubi phambi komphakathi. Bekungukuthi, "Ayibusiswe iNkosi! UMfowethu u*S'bani–bani* ubeke izandla phezu kwami, futhi, ayidunyiswe iNkosi, ngiphilisiwe." Manje, uma nje bengingakweqa lokho!

Uma umuntu ubengathi, "INkosi uJesu ingenze ngasinda," bekungangcono kakhulu kanjani lokho, niyabo. Ngakho, ngenkonzo encane iNkosi engiphe yona, ngukuzama ukuYiletha ebukhoneni benu, ukuthi beningabeka izandla zenu phezu kwaYo, uMhlatshelo wenu, futhi niphiliswe. Akusikho kakhulu kangako ukubekwa izandla. Okungukuthi, siyakwenza, sonke siyakwenza. Siyakhuleka futhi sibeke izandla phezu kwabagulayo.

Asibaphilisi abantu. Sebevele baphilisiwe. Wonke umuntu usevele uphilisiwe. Bangaki okukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje ake sibone ukuthi ibandla lethu lifundiswe kanjani. Kunokuthathu kwabo okukholwayo, empeleni. Manje, ukuthi, "Yalinyazwa ngesiphambeko sethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Yonke ingxenye

engehlukaniseki ayifelayo, eKalvari, ingeyethu kusukela kulesosikhathi kuqhubeke, yonke into Ayifelayo. "Yalinyazwa ngeziphambeko zethu; yachotshozwa ngobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu siphezu kwaYo; nangemivimbo yaYo siphilisiwe thina." Siphili*siwe* thina, inkathi edlule.

Sonke isoni sisindisiwe. Kusukela ngosuku uJesu afa ngalo esiphambanweni, Wathethelela sonke isono somuntu.

Manje, uNkulunkulu ungomkhulu—omkhulu . . . njengesiDalwa esikhulu. "Ekuqaleni uNkulunkulu . . . " Niyabo? Si . . . Wayengesuye ngisho uNkulunkulu, kwasekuqaleni. *UNkulunkulu* "yinto ekhonzwayo." Futhi Wayebizwa ngo . . . Kwakungekho lutho, lokukhonza. WayenguElohim okhona ngokwamandla akhe, futhi kwakungekho lutho lokuMkhonza. Ngenkathi Edala iziNgelosi, khona–ke kwabakhona into yokuMkhonza.

Kodwa kuloNkulunkulu omkhulu, uElohim, kwakuyizingxenye ezingehlukaniseki. Kwakuyizingxenye ezingehlukaniseki phakathi lapho ukuba nguNkulunkulu; izingxenye ezingehlukaniseki ukuba nguBaba; izingxenye ezingehlukaniseki ukuba yiNdodana; izingxenye ezingehlukaniseki ukuba nguMsindisi; izingxenye ezingehlukaniseki ukuba ngumphilisi. Zonke lezizingxenye ezingehlukaniseki kwakukuNkulunkulu. Futhi uma uke waba nokuPhila okuPhakade, wawusezingxenyeni zikaNkulunkulu ezingehlukaniseki, ngoba unokuPhila okuPhakade. UJesu wafika njengoMhlengi. Futhi *ukuhlenga* kusho "ukukubuyisela emuva lapho okwaqala khona." Kunjalo. Nanisekucabangeni kukaNkulunkulu. Angahle ukuba wadingeka ukuba azalanise *lokhu* na*lokho*, naphansi *lapha* naphansi *lapha*.

Njengomuntu enza izinsimbi ezinqenqethayo zesonto; afake ithusi elingaka nensimbi engaka, bese nje eyithola nje ikhale kahle. Umbumbi uyazi ukuthi kufakwa kanjani. Uma engazi, akakutholi ukukhala kahle.

Futhi uNkulunkulu uyazi ukuthi nje impela wena ungowakuphi, nokuthi yimuphi unyaka ongowakuwo. Futhi, ngakho–ke, uma unokuPhila okuPhakade; igama elithi *Phakade* li "yinto engazange iqale, noma engeke neze yaphela." Ngakho, noma ngabe wawungubani, uyabo, wawukhona, wawulokhu ukhona njalo. Wawuyingxenye engehlukaniseki kaNkulunkulu i—ivezwa obala, i—iZwi. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi."

Nezwi lingumcabango owenziwe wabonakala. Uyakucabanga, bese uyakukhuluma. Njengoba ngingathi, "Ukukhanya." Ngidingeke ngicabange "ukukhanya" ngaphambi kokuba ngithi "ukukhanya." "Imayikrofoni," ngifanele ngithi . . . ngicabange "imayikrofoni," ukuba ngithi "imayikrofoni."

Futhi siyizingxenye ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu zivezwe obala.

Futhi ngiyathola, ngithola izigaba ezimbili zabantu lapho kuqhubeka. Esinye sazo ngabaqavile, nesinye ngamaPentecostal. Manje, amaPentecostal anento ethize, kodwa awazi ukuthi angobani. Nabaqavile kukhona abakwaziyo, kodwa abanalutho ngakho. Ngakho manje, lapho, kufana nomuntu nje onemali ebhange, futhi engakwazi ukubhala isheke. Omunye uyakwazi ukubhala isheke; akanamali ebhange. Uma ubungake uze uhlanganise leyonto ndawonye, ibiyoba—ibiyoba yinto enkulu.

Kodwa, manje, ebusweni balokhu, indlela esizama ukuqhuba ngayo umhlangano, ingeyakho, wena njengomuntu ngamunye, ngesidingo sakho kuKristu. Insindiso, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, kumbe noma ngabe udingani, ngukuthi, ngokukholwa, wazi ukuthi useBukhoneni bukaKristu, nangokukholwa welula isandla bese uyakuthola. Ngokuba, yiyonandlela kuphela oyoke uze ukuthole ngayo. Ngu. . . Sisindiswa ngokukholwa. Siphiliswa ngokukholwa. Niyabo? Akukho lutho uNkulunkulu angalwehlela abuye alwenze futhi; Usevele ulwenzile.

Ngakho, niyabo, yonke into i—ikhona, uNkulunkulu eba ngophathekayo. Lokho, ngoSuku olukhulu oluzayo, ngenkathi uKristu ehlala phezu kwesihlalo sobukhosi sikaDavide futhi abuse isikhathi seminyaka eyiNkulungwane, nguNkulunkulu, ephatheka, emhlabeni.

Ukini manje. Niyizingxenye ezingehlukaniseki zaKhe. Uma unokuPhila okuPhakade, impilo yakho yayilokhu ikhona. Futhi wena wawungukucabanga kukaNkulunkulu: umbala wezinwele, noma ngabe uyini, wawungukucabanga kukaNkulunkulu, futhi nje uyaphatheka.

Futhi yilokho uNkulunkulu ayeyikho ngenkathi Eba ngophathekayo kuKristu; uNkulunkulu, evezwa obala, wabonakaliswa enyameni, kuKristu. Waba ngophathekayo; uNkulunkulu esasesingamthinta. UTimothewu wokuQala 3:16, "Kuvunyiwe, inkulu imfihlakalo yokukhonza: ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni." Niyabo? Niyabo? KwakunguNkulunkulu ebonakaliswa, elungiselela.

Manje, silapha, kulesisimo, sisalokhu siyisithunzi sesithombe sangempela. Njengokuthatha isithombe sento ethize, futhi usishuthe. UNkulunkulu uthi, "Uyoba nezinwele ezimnyama, amehlo al'hlaza, kanjalonjalo. Uyoba yi*lokhu, lokho,* noma *okunye*." Isithombe siyashuthwa, ebudaleni beminyaka engamashumi amabili ubudala, amashumi amabili nambili.

Bese kungena ukufa, uqala ukufa wehla. Akunandaba ukuthi udla kangakanani, ukuthi ukufaka kahle kanjani ukudla

kubuyele emzimbeni wakho, ukwenza izinhlayiya zegazi, uyafa. Futhi akukho–sosayense emhlabeni ongakuchaza.

Uthulule amanzi kujeke, uwathele eglasini, igcwala uhhafu; bese ulokhu uthela nje, ayehla. Uthini ngalokho na?

Ukudla okudlayo kwenza izinhlayiya zegazi. Izinhlayiya zegazi yakha umzimba wakho. Njalo uma udla, uhlumelelisa impilo yakho. Ngenkathi usenonyaka owodwa ubudala, kuqhubeke kuye phezulu, kwenyuke njalo uze ufike cishe emashumini amabili–nambili. Bese kuthi–ke, manje, udla ukudla okufanayo. Ngidla ukudla okufanayo nengakudla ngineshumi nesithupha. Eshumini nesithupha, njalo uma ngidla, kwakwakha izicubu zibe nkulu futhi ziqine. Ngathola ukukhula kwami ngokugcwele. Kwase kuthi–ke emva kokukhula ngokugcwele, Ngidle ukudla okufanayo, nokungcono, nokuningi kwakho, futhi ngiguga kakhulu nokuba buthakathaka kakhulu, ngaso sonke isikhathi. Kodwa njalo uma ngihlumelelisa ukuphila kwami, khona–ke bengingeke ngidingeke ukuba ngife. Niyabo?

Kodwa uNkulunkulu unqume usuku, nomuntu ufanele afe bese ebhekana nokwaHlulelwa. Futhi nizolugcina lolosuku olunqunyiweyo, bangani. Kukhumbuleni nje lokho. Futhi siselapha, kulobubusuku, sifuna ukuzikhumbula lezozinto, ukuthi sizofanele sihlangane nalolosuku olunqunyiwe. Kungahle kube nabaningi enizosukuma bese nisuka kukho, kodwa lokho yikho esiqiniseke ngakho, sonke, ukuhlangana nakho. Futhi manje, kulokho, wusuku olunqunyiwe uNkulunkulu alwenze nomuntu. Lomzimba ufanele, ngoba useyisithunzi sesithombe sangempela. Usengaphansi kokufa.

Ngakho, Uthola ukuPhila okuPhakade, izingxenye ezingehlukaniseki zaKhe zavela obala kulowomzimba, ngaleyonkathi, njenganoma yisiphi isithombe esimweni saso sesithunzi sesithombe sangempela, siya endlini emnyama. Lapho siyagqamiswa. Siphuma siba yisithombe esiphelele. Nathi siya endlini emnyama, kodwa ukuba siphume emva kokuba isithunzi sesithombe sangempela sesibe yisithombe esiphelele, emfanekisweni kaKristu. Singena ethuneni elimnyama, ekamelweni elimnyama ukuba sigqamiswe. Kuthatha ukufa ukusigqamisa.

Njengoba nje kuthatha ukufa, kuwe uqobo, ukugqamisa isithombe somfanekiso kaKristu, ukuphila kukaKristu kuwe. Ufanele uchithe okwakho uqobo ukukhiphe, ukuze uKristu akwazi ukungena. Uzofanele ufe kuwe uqobo.

Bufa kanjalo–ke nobuwena bomzimba wakho, ukuba bakhiwe futhi bubunjelwe emfanekisweni waKhe. Kodwa isekhona leyongxenye engehlukaniseki engeke yabhujiswa. Ingeke neze yabhujiswa. InguNkulunkulu, ekuqaleni. InguNkulunkulu phezu kwethu, uNkulunkulu enathi,

uNkulunkulu kithi. Futhi konke yizingxenye ezingehlukaniseki zikaNkulunkulu: ukuPhila okuPhakade emadodaneni abantu.

Manje asikhuleke.

Baba waseZulwini othandekayo, siyakhuleka kulobubusuku ukuthi Uzosibusisa futhi uthole inkazimulo ekubuthaneni kwethu ndawonye. Sinikela lendlu nezinkundla, sizibeka thina phezu kwayo futhi siyinika Wena, njengomnikelo, Nkosi, ekuhlonipheni iGama laKho. Siphe khona, Nkosi. Busisa yonke into esiyenzayo. Kwangathi ingaba ngeyokuhlonipha uJesu Kristu, nokuMlethela ubumpela obuphilayo phakathi kwabantu.

2 Futhi uma izinkonzo isiphelile, bese sisuka kulemihlangano bese siya emakhaya ethu, kwangathi singasho njengalabo abathi eshumini nesishiyagalolunye–. . . eminyakeni eyadlula, leliPhasika lokugcina, ngenkathi bevela e Emawuse, ngenkathi Ebonakala phakathi kwabo futhi wenza into efanayo naYenzayo phambi kokubethelwa kwaKhe. WayeyiNkosi evukileyo, ngoba Wayesalokhu Ezenza aziwe ezintweni ezifanayo naZenzayo phambi kokubethelwa kwaKhe, namehlo abo avuleka base beMqonda. Nkulunkulu, kwangathi singasho kulobubusuku, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, uma sesisendleleni yethu ebuyela ekhaya, kulobubusuku, kwangathi singathi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Kwangathi Angazikhomba Yena uqobo kulobubusuku, phakathi kwethu, iNkosi, njengeNkosi evukileyo, esilungele ukubuyela iBandla laYo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

3 Ubusuku ngabunye, ukuze kugcinwe into ngokuhlelekile, sizela ukukhulekelwa; uMfowethu Borders, noma—noma indodana yami, uBilly Paul, omunye wabo, uzoba lapha njalo kusihlwa, cishe—cishe ihora ngaphambi kokuba izinkonzo ziqale. Futhi behlisa amakhadi amancane anezinombolo kuwo. Lomfana uzothatha lamakhadi bese ewaxubanisa, phakathi ngqo, phambi kwenu. Niyabo? Ngakho, lokho, bese kuthi–ke unikwe ikhadi, noma ngabe yiliphi olifunayo. Uma ngehla ebusuku, usuku ngalunye . . . Lokho kunikeza ofikayo, usuku nosuku, i—ithuba ukuthola ikhadi lomkhuleko.

4 Bese–ke ubusuku ngabunye, ababaningi kakhulu abazoba semsamo ngasikhathi sinye, kodwa ngizokwenyusa abaningi kakhulu ukuba bakhulekelwe. Bangahle beze, baqale kwelokuqala lapho, ngelesine, kukhombisa ukuthi umfana okhipha amakhadi angekugarantele noma yini, noma athengise ikhadi lomkhuleko kuwe, elizokukhombisa ukuthi uzongena emgqeni womkhuleko. Unethuba elifanayo, ngoba amakhadi axutshanisiwe, phambi kwezithameli.

5 Enye into ingukuthi, ukuze ngikwazi ukuqala kunoma yiyiphi indawo. Ngingahle ngiqale emashumini amahlanu,

ukuba ngihlehle ngisuka kwelamashumi amathathu, ukuba ngiye phambili, noma ngisuke. . .Bese–ke ngezinye izikhathi ngibala ukuthi bangaki okulomugqa, bese ngikwehlukanisa ngalomugqa, nakanjalo kanjalo, ukuthola inombolo. Futhi ngezinye izikhathi ngithathe umfanyana, bese ngehlulela ngobudala bakhe, noma omunye wesilisa noma owesifazane, noma into efana naleyo, niyazi, kumbe nje noma yini efika engqondweni yami. Ngakho–ke, akekho owaziyo ukuthi umugqa womkhuleko uqala kuphi, nalokho kunikeza wonke umuntu ithuba. Manje–ke, ekugcineni, kanyekanye, sikhulekela wonke umuntu ophethe ikhadi. Ngakho si . . . Bamba ikhadi lakho nje.

6 Manje izikhathi eziningi, emihlanganweni, ukuthi abantu abafiki ngisho nasemsamo. Uma noma ubani elapha, oke waba semhlanganweni ngaphambili; kuba nabayishumi phandle lapho abaphiliswayo uma oyedwa ephiliswa emsamo.

7 Kuthatha ukukholwa. Akunandaba ukuthi kukuphi, ufanele uhlangabezane nalokho kukholwa. Yilokho kuphela. Nokukholwa akusiyo nje i—insumansumane, into nje oyicabangelayo. Kuyinto oyaziyo. Kunjalo.

8 Futhi manje ngizonicela, manje, njengoba siphenya manje okokufundwa komBhalo, kulobubusuku. Sizofunda eNcwadini e—eNcwadini yamaHeberu, kulobubusuku, futhi manje uma sima ukuba sifunde iZwi. Siyama uma senza isithembiso sokuthobela iflege, futhi si—siyama ekuhlonishweni kwazo zonke zeziphandla zesizwe sakithi, kanjalonjalo, ngakho asime sisafunda iZwi likaNkulunkulu. Nizoma na? AmaHeberu, isahluko 13, ivesi 1 kuye kwele 8.

> *Malume njalo uthando lobuzalwane.*
>
> *Ninga . . . ukungenisa izihambi: ngokuba ngalokho abanye bangenisa izingelosi bengazi.*
>
> *Bakhumbuleni ababoshiweyo, kungathi* ningababoshiwe *kanye nabo; nabaphethwe kabi, njengalokhu na*we *nisemzimbeni.*
>
> *Ukuganana makuhlonishwe yibo bonke, nombhede ungabi–nasisihla: ngokuba izifebe neziphingi uNkulunkulu uyakuzahlulela.*
>
> *Ukwenza kwenu makungabi–ngokokufisa imali; yeneliswani ngeninakho: ngokuba yena ushilo wathi, Angisoze ngakuyeka, angisoze ngakushiya.*
>
> *Ukuze sisho ngesibindi sithi, INkosi ingumsizi wami, . . . angiyikwesaba umuntu angangenzani na.*
>
> *Bakhumbuleni ababenihola, bekhuluma izwi likaNkulunkulu kini: niqonda ukuphela kokuhamba kwabo, nilingisa ukukholwa kwabo.*
>
> *UJesu Kristu nguyena izolo, . . . namuhla, naphakade.*

9 Asikhothamise amakhanda ethu. Nkosi Jesu, yenza lokhu kube yikho ngempela kithi, kulobubusuku. Kungesikho nje ukufundwa kweZwi, kodwa kwangathi iZwi lingaba yinyama phakathi kwethu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

10 Njengoba sikhuluma imizuzwana embalwa nje, futhi ubusuku ngabunye sizozama ukuphuma ligamenxe elesishiyagalolunye, uma—uma kunokwenzeka. Ngifuna ukubonga abaxhasi bami, futhi, nabantu abasivumela sibe nendawo lapha, izinkundla, umbukiso wezimpahla, kumbe noma ngabe kuyini. Sibonga kakhulu. Manje, manje niyiqembu elikahle nje ukuxoxa nalo, futhi nje ngingaxoxa isikhathi eside, kodwa angifuni ukunikhandla. Ubusuku ngabunye, cishe imizuzu engamashumi amathathu; kulobubusuku izokweluleka kakhudlwana ngenxa yokuba ngubusuku bokuqala.

11 Ngifuna ukukhuluma ngodaba kulobubusuku lokuthi: *UKristu Okhonjiweyo Wayo Yonke Iminyaka.* Ngoba, iBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade," nenkomba kaKristu kuyo yonke iminyaka.

12 Manje niqaphelile yini lapha, umBhalo usho lapha, ukuthi, "Bakhumbuleni labo ababenihola; niqonda ukuhamba kwabo, niyabo. Ekupheleni kokuhamba kwabo nguJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade."

13 Abantu abaningi kakhulu banemibono ehlukene ngoKristu. Njengoba ngihamba e—ezingxenyeni ezehlukene zezwe, nasemhlabeni jikelele, ngithola ukuthi abantu abaningi kakhulu banemibono yabo ehlukene. Ningamangala ukwazi ukuthi eminye yemibono yabo iyini. Abanye babo ucabanga ukuthi Ungumfundisi oyisimangaliso nje. Awu, manje, Waye—Wayeyilokho. Lokho kunjalo impela nje. Nabanye ucabanga ukuthi Wayeyisazi esikhulu sokudabuka kwezinto. Okungukuthi, Wayeyilokho. Yena, impela, Wayeyiso. Bese kuthi–ke abanye babo bacabanga ukuthi Wayengu—ngumuntu olungileyo. Yena, Wayeyilokho. Kodwa, niyabo, Wayedlula lokho. Wayeyikho konke okwalokho, kuhlanganiswe nokunye. Abanye babo bacabanga ukuthi Wayengumprofethi. Wayengumprofethi, kodwa Wayedlula umprofethi. Wayeyilokho abaprofethi ayeyikho, kuhlanganiswe nokunye. Niyabo? Ngakho, ini, singazi kanjani manje na? Uma Wayefundisa ngezifundiso zaKhe, Wayengumfundisi futhi Wayeyisazi esikhulu sokudabuka kwezinto.

14 Kodwa i—indlela kuphela esiyohlala sazi ngayo, namhlanje, uma besifuna ukuMkhomba, namhlanje, futhi, ngikholwa ukuthi Wavuka kwabafileyo. Ngiyakukholwa lokho ngayo yonke inhliziyo yami. Futhi ngikholwa ukuthi Uthembisile lapha, ukuthi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." "Futhi Mina nginani njalo, futhi Angisoze nganiyeka angisoze nganishiya."

15 Manje, lawomaZwi a, aphakathi kokuthi ayiqiniso noma awasilo iqiniso. Futhi uma Engesilo iqiniso, pho senzani lapha kulobubusuku na? Si—singabantu abalusizi, singabantu o—o, awu, sidukisiwe; lonke izwe lamaKristu lidukisiwe uma Engesuye izolo, namuhla, naphakade, uma Engaphili kulobubusuku futhi enathi njengoba Ethembisa. "Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekuphelelisenі, noma ekupheleni kwezwe. Nginani njalo." Manje, uma lelo kungesilo iQiniso, khona–ke kukhona okungalungile, futhi si—sitholakala singofakazi bamanga. Akusikho kuphela ukuthi sizenza sibe ngabanokuhawukelwa, ngokukhohlisa, kodwa sidukisa abanye. Sitholakala singabadukisi, bento ethize esikhuluma ngayo, okungesikho, uma nje Eyinsumansumane noma Engowomlando nje.

16 Usizani uKristu womlando uma Engesuye ofanayo namhlanje na? Usizani uNkulunkulu kaMose uma Enge— ngesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Kusizani ukuthatha inyoni yakho eculayo bese uyipha amavitamini amahle, ukuyenza ibe nezimpaphe ezinhle namaphiko amahle aqinile, bese kuthi–ke uyigcine esibiyelweni na? Niyabo, akuyisizi ngalutho. Futhi sikhuluma ngokuthi uNkulunkulu wayemkhulu kangakanani, bese kuthi–ke singasho ukuthi Usafana namhlanje, khona–ke kukhona okungalungile. Sibiyelwe ngci ndawondawo. Futhi, lokho, lowo ngu—lowo ngumqondo wamanga wokuthi uNkulunkulu uyini.

17 IBhayibheli lisho ngokusobala, "Usenguyena," nalokho kuchaza ukuthi Usenguyena. Unjengoba Wayenjalo nje. Akakashintshi nakancinyane, futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

18 Futhi manje sine, namhlanje, ngalolusuku nesikhathi, njengoba nje benza ngosuku lwaKhe nakuzo zonke izinsuku, sinomcabango ongowethu ngaLo. Kodwa, impela, uma ikhona indlela ezweni ebesingazi ngeqiniso, siyofanele sithole ukuthi Wayeyini, bese kuthi–ke sithole ukuthi Wayeyini kweminye iminyaka.

19 Khumbulani, iBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngakho sizofanele sithole ukuthi Uyini, kweminye iminyaka; ukwazi ukuthi Wayeyini onyakeni Ahamba kuwo emhlabeni, unyaka ngaphambi kokuba Ahambe emhlabeni, nonyaka emva kokuba Wayesemhlabeni futhi wawushiya umhlaba. Sizofanele sithole ukuthi Wayeyini, ukwazi ukuthi Uyini namhlanje, njalo, ngoba Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Manje, kodwa, ngamany'amazwi, sizofanele sibuyele emuva futhi sihlolisise, ukubona ukuthi ngabe Wayeyini.

20 Manje siyathola, kuJohane oNgcwele isahluko 1, siqale ngevesi 1, kuthi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi,

uLizwi wayekuNkulunkulu." Manje lokho yizingxenye ezingehlukaniseki, amaZwi aKhe; angumcabango manje, awezwakalisiwe. Niyabo, "Ekuqaleni yilo, kwakuyiZwi, noLizwi wayekuNkulunkulu, noLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. Ekuqaleni wayekhona uLizwi!" Awu, uma WayenguLizwi ekuqaleni, UnguLizwi namhlanje, ngoba UnguLizwi njalo.

Manje uNkulunkulu uzofanele ehlulele izwe ngento ethize.

21 Nabantu bathi, awu, manje njenge . . . Uma bengingabuza iKatolika lapha kulobubusuku, ucabanga ukuthi uNkulunkulu ubezolehlulela ngani izwe na? IKatolika belingathi, "Ngebandla eliKatolika." Kulungile, manje liphi lona ibandla eliKatolika na? Manje banelamaRoma, ibandla loMthetho lamaGreki, namaningi awo. Bekungaba yiliphi ibandla eliKatolika na? ILuthela lithi, "Ngathi," kusho ukuthi–ke nina Baptisti niphandle. Bese kuthi–ke ukuba besingathi, "NgeBaptisti," kusho ukuthi–ke nina maPentecostal niphandle. Ngakho bekungabakhona ukudideka okukhulu, akekho obezokwazi ukuthi akenzeni, ngakho Akazange athembise ukwehlulela izwe ngebandla.

22 Wethembisa ukwehlulela izwe ngoKristu, noKristu uyiZwi. NeBhayibheli liyilokho okuzokwehlulela izwe, okunguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.

23 Manje, uma Wayekhona ekuqaleni, Wabela iZwi laKhe, kakhulu kangako, esizukulwaneni ngasinye, isikhathi ngasinye ukuthi Wa—ukuthi Wayenalonyaka uza.

24 Ungosezindaweni zonke, owazi konke, umninimandla, nongenasiphelo. Uma Engesuye, Akasuye uNkulunkulu. Ngokuba ngongenasiphelo, U—U—UPhakade. Bese kuthi–ke, kulokho, ngokuba ngosezindaweni zonke; ngokuba ngowazi konke, azi izinto zonke, kuMenza abe ngosezindaweni zonke. Nguyena izolo, namuhla, naphakade.

25 Ngakho, ngakho–ke, Wakwazi ukusho ukuphela ekuqaleni, futhi onyakeni ngamunye Wabela okungaka kweZwi laKhe, onyakeni ngamunye.

26 Bese kuthi–ke, ngokwejwayelekile, umuntu uLithola selisonteke kakhulu, nezwe lingena esimweni esinjalo, sekuze kudingeke Athumele omunye umuntu, egcotshiwe. Yonke iminyaka ubufana. Uzikhomba Yena uqobo phezu komhlaba, kumuntu. UNkulunkulu akenzi lutho ngaphandle komuntu. IBhayibheli lasho njalo, niyazi. Niyabo? Njalo Uthatha umuntu, ngoba kwakungumuntu Adingeka amsebenzise, futhi wadedela umuntu . . . Wambeka ekutheni abe ngozikhethelayo, azi ukuthi wayezowa, ukuze aveze obala izingxenye ezingehlukaniseki zaKhe njengoMsindisi, ngokuba kwakungekho lutho olulahlekile. Futhi, ngakho–ke, Wakhetha

umuntu. Wayengakhetha izinkanyezi, Wayengakhetha izihlahla, kodwa Wakhetha umuntu.

27 Ngesinye isikhathi, emi, ebuka phezu kwesivuno; uJesu, Wathi, "Isivuno sivuthiwe. Izisebenzi ziyingcosana. Nxusani iNkosi yesivuno ukuba ithumele izisebenzi esivunweni saYo." Futhi WayeyiNkosi yesivuno. Niyabo? "Aninakho ngoba aniceli. Aniceli ngoba anikholwa. Celani kuchichime, ukuba izintokozo zenu zigcwaliswe." Niyabo? Uncike kini nicela, futhi nikholwa ukuthi niyakwemukela enikucelayo.

28 Manje, manje–ke, ekuqaleni, sithola ukuthi Wabela iZwi laKhe. Sithola ukuthi, ngezinsuku zikaMose futhi kwehle njalo, ukuthi U—Uzikhomba Yena uqobo njalo ngabaprofethi baKhe. IBhayibheli lithi, "Akenzi lutho aze kuqala Akwembule kubaprofethi baKhe." Futhi, khumbulani, uNkulunkulu unguNkulunkulu ongaguqulekiyo. Akaguquki neze. Uhlala enguye, izolo, namuhla, naphakade.

29 Manje siyathola, onyakeni ngamunye, lowomuntu ungena ohlelweni lukaNkulunkulu. Badonsa umqondo ongowabo, futhi kubukeka kukuhle. Kubukeka kukuhle, kukuhle kakhulu. Futhi ngesinye isikhathi kusondele kakhulu kungahle kubekhona izwi elilodwa elehlukile, kodwa lelozwi elilodwa lisho umehluko phakathi kokufa nokuPhila.

30 Kwakuyizwi elilodwa elaqala lonke lelibhola ligingqika, ngenkathi uEva engawukholwa ngokuyikho umkhakha owodwa weZwi likaNkulunkulu. Khumbulani, aka . . . USathane akazange athi nje ukulahla yonke into. Wathi, "O, ngempela Leli liyoba ngalendlela, naLeli lingaleyondlela, noNkulunkulu kanje–kanje, kodwa ngempela Akayikukwenza *lokhu*."

31 Kodwa Wathi Wayezokwenza, futhi, ngenkathi Ethi Uyokwenza, lokho kukwenza kube njalo. Niyabo? Nje, ufanele ukholwe wonke umkhakha waLo. Akunandaba ukuthi Lithini, Likholwe noma kanjani. Uma ungenakuLichaza, Likholwe noma kanjani. Ungeke wamchaza uNkulunkulu; akekho ongamchaza. UNkulunkulu waziwa ngokukholwa, hhayi ngesayense. Ukholwa uNkulunkulu ngokukholwa, ngoba Washo njalo, nalokho kuyakuxazulula. Inqobo nje uma Athi Linjalo, lokho kuyalwelapha udaba. Washo njalo; akwenzi mehluko ukuthi isho kangakanani isayense ukuthi Alinjalo.

32 UNowa, uNowa wayengenakuchaza ukuthi amanzi ayekanjani phezulu esibhakabhakeni, ngoba isayense yathi ayengekho lapho. Kodwa uma uNkulunkulu asho njalo, Unamandla okubeka amanzi phezulu lapho, ngakho lokho—lokho kwakuxazulula. Niyabo, wavele wamkholwa nje uNkulunkulu.

33 Njalo, umuntu ogcotshwe ngeZwi, uyakukholwa okwashiwo nguNkulunkulu. Kungakhathaleki ukuthi ngabe

angakufakazisa, noma qha, uyaLikholwa noma kanjani. UNkulunkulu wenza ukufakazisa.

34 Lalelani, namhlanje njalo sifana . . . Umuntu njalo udumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzile, njalo ebheke Ayokwenza, futhi eshaya indiva lokho Akwenzayo. Njalo bekuyileyonto efanayo. Futhi wonk'umuntu unokuhumusha kwakhe uqobo kwangasese.

35 UNkulunkulu ungumhumushi waKhe Yena. UNkulunkulu akadingi–muntu ukuba ahumushe. IBhayibheli lathi Lingaphandle kokuhunyushwa. Alidingi–muntu. UNkulunkulu uhumusha iBhayibheli, qobo lwaKhe. UNkulunkulu wathi, "Makube–khona ukukhanya," futhi kwaba–khona ukukhanya. Lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu wathi, "Intombi iyakukhulelwa," futhi yakhulelwa. Lokho kwakuxazulula. Uma uNkulunkulu esho nanoma yini, futhi ayiqinisekise, lokho ngukuhumushwa kwaKhe kwayo. Wathi Wayezo "thulula uMoya waKhe" ngalolu izinsuku zokugcina, futhi Wakwenza. Akukho kuhunyushwa kukho; sekuvele kuhunyushiwe. Abangakholwayo bangahle bavuke, nabanqikazi bangahle bame, futhi noma ngabe yini abangayenza; kodwa uNkulunkulu wakwenza, noma kanjani, ngoba Wathi Wayezokwenza. Akadingi–muntu ukuba aMhumushe. Wenza ukuhumusha kwaKhe uQobo. Wenza isithembiso, abantu bayasikholwa, futhi Ubahumushela sona.

36 UyiNkosi ephilisa zonke izifo zethu. Ngeke nganitshela ukuthi Ukwenza kanjani, kodwa Uyakwenza. Wathi Wayezokwenza, ukuthi Wayezokwenza, ngakho kusekukholweni kwethu. Wayengenakukwenza lapho ngaphandle kokukholwa, kanjalo Angekwenze lapha, noma ngasiphi isikhathi, ngaphandle kokukholwa.

Manje, UyiZwi. UyiZwi elikhonjelwe lowonyaka.

37 Manje, inkathazo ngabantu, namhlanje, sibathola bephila ekubenyezeleni okuxhopha amehlo komunye unyaka. Njengoba nje uJesu athola ngenkathi Efika, Wabathola bephila ekubenyezeleni okuxhopha amehlo komthetho, futhi beshaya indiva okwakuzokwenzeka onyakeni waKhe. Niyazi ukuthi yini indaba namhlanje na? Yini indaba nge . . .

38 Kwakwenzenjani ngeLuthela na? Awu, ngoba babephila ekubenyezeleni okuxhopha amehlo konyaka weLuthela, ngenkathi uJohn Wesley ethola imfihlo yokungcweliswa. Babengenakuhamba, ngoba babehlala ekubenyezeleni okuxhopha amehlo konyaka kaLuther.

Kwenzekani kumaPentecostal na?

39 Ngani, uWesley wayehlele kakhulu, waze wahlala ekubenyezeleni okuxhopha amehlo komunye unyaka, babesonyakeni kaWesley, ngenkathi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele wehlela phezu kwamaPentecostal. Niyabo, babephila

kulokho okwashiwo nguWesley, ukungcweliswa. Kwakunzima kubo ukukholwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ukubuyiselwa kweziphiwo. Babehlala ekubenyezeleni okuxhopha amehlo komunye unyaka.

40 Futhi yilokho ababekwenza ngenkathi uJesu efika. Bathi, "SinoMose. Thina, sinoMose."

41 Wathi, "Ukuba benimazi uMose, beniyakungazi naMi. UMose waloba ngaMi. Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade, futhi Yiyona Efakaza ngaMi." Lowo kwakungumBhalo owawufanele ubekhona.

42 UNkulunkulu ekhomba, ehumusha umBhalo waKhe walowonyaka, futhi nguKristu njalo. NguKristu kuyo yonke iminyaka. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. BekunguKristu njalo.

43 Manje siyathola, ukuthi manje sithola abazalwane bethu bamaPentecostal baphila ekubenyezeleni okuxhopha amehlo konyaka wePentecostal, futhi basaLigeja. Bazama ukuhumusha unyaka wephentekoste, kanti sesithe nqo sedlula kulokho. Siphila ngokuqhubeka senyukele esikhathini sokuhlwithwa, kokufika kwesi—sikhathi sokuphela. Kodwa yileyondlela umuntu enza ngayo, kuba ngaleyondlela nje.

44 Sinokuningi kakhulu okwabelwe unyaka ngamunye. IBhayibheli labelwe kanjalo, futhi yileyondlela esifanele sibe nakho. Yileyondlela okuzofanele kube ngayo.

45 UNkulunkulu ongaguqulekiyo, nesimilo esingaguqulekiyo, Nezimilo zezimo zaKhe zihlala zifana nje. Angesiguqule isimilo sesimo saKhe. Angekwenze. Noma yini yaziwa ngesimilo sesimo sayo.

46 Angazi noma nonke ninazo yini izinyoni ezidla imbewu ezansi lapha noma qha, inyoni etshwekezayo. . .sizibiza ngogqinsi, ne—nenyoni etshwekezayo. Zombili zithi azilingane. Bhekisisa inyoni etshwekezayo indiza, uma isebangeni futhi uyibhekisisa, iyokwenza umugqa ongu B uma indiza. Kodwa, inyoni edla imbewu, iyohamba iya phansi–phezulu lapho indiza. Niyabo, leso yisimilo sesimo senyoni edla imbewu. Ungayibona ngesenzo sayo.

Bhekisisa umuntu esebenzisa isandla sakhe sokunene noma esokunxele. Uyi chara–. . .

47 Sinabesifazane namhlanje abafuna ukuba ngowesilisa. Bagqoka njengabo, kodwa basalokhu. . .Babhekisiseni behamba nokuthi benzani, basalokhu. . .Isimilo sesimo sabo sikhombisa ukuthi bangabesifazane, nokho, ngokufanayo nje, niyabo, ngoba kungaleyondlela nje. Sizofika kulokho kamuva. Kodwa, nokho, sikwenye into ethize khona manje.

Khumbulani, ukhonjwa ngesimilo sesimo.

48 NoNkulunkulu ukhonjwa ngesimilo sesimo saKhe esikhulu, ukuthi, "Angeguquke." Wathi, kuMalaki 3:6, "NginguNkulunkulu, futhi Angiguquki." Niyabo? Akashintshi uqobo. Izimilo zezimo zaKhe ziyafana.

49 Kwakuthi njalo uma Ebonakala emhlabeni, ekupheleni konyaka, Wayehlala njalo ethumela umuntu futhi amgcobe ngoMoya oNgcwele, uKristu. UMoya oNgcwele nguKristu, "ogcotshiweyo," *iZwi–mcabango,* futhi Laphuma, futhi Lifikela ukukhomba a—amaZwi alowonyaka. "IZwi leNkosi liza kubaprofethi," iBhayibheli lasho njalo, futhi likhomba lowonyaka. Niyabo, Akenzi lutho ngaphandle komuntu. Manje Angekwenze eqenjini. Ungeke wakwenza. Akukaze nje kwenziwe. Akazange asebenzise iqembu; akazange akwenze. Usebenzisa umuntu oyedwa vo. Awu . . .

50 UIsrayeli wasindiswa njengesizwe, kodwa wena uzosindiswa njengomuntu ngamunye.

51 Futhi umuntu oyedwa Asebenzana naye. Wayene . . . Akazange ngisho abe no—no—noMose noElija, isikhathi esifanayo. Wayengeke abe noElija noEliyase, isikhathi esifanayo. Wayengeke abe noJohane noJesu, isikhathi esifanayo. Uhlala njalo enoyedwa, ngoba Ufaka lowomuntu oyedwa entandweni yaKhe yobuNkulunkulu.

52 Ukuba besiqale kulobubusuku, futhi ngathola indoda eyodwa, enye indoda lapha ebengingayikhetha, futhi sivumelane emfundisweni, ngokupheleleyo nje, besingaqala iqembu elincane. Onyakeni kusukela namhlanje, besizoba nabaningi oRicky phakathi lapho, ngani, bekungaba yihlazo. Kunjalo, bangena nje njengezindla–magazi. Ungeke wababavimba. Ngakho, ngakho–ke, kwakungesiyo neze inqubo kaNkulunkulu.

53 UNkulunkulu angeguquke. Usebenzana, ngokufanayo, nomuntu ngamunye! Wakwenza yonke iminyaka. Ubehlala njalo ekwenza.

54 Nesimilo sesimo saKhe sikhonjwa kulowonyaka. Manje, ningakukhohlwa lokho, isimilo sesimo saKhe sikhonjwa kulowonyaka.

55 Bukani ngezinsuku zikaJosefa, umprofethi, ukuthi uJesu wakhonjwa ngokuphelele kanjani kuJosefa. Wazalwa, wathandwa nguyise, wazondwa ngabazalwane bakhe, ngaphandle kwesizathu. Wayebathanda abafowabo. Kodwa babenobuFarisi obuzifakele isitashi, njengaso, futhi babengazihlanganise ngalutho naye, futhi bamzonda ngoba wabona imibono na—nakanjalonjalo. Kodwa sona impela isimilo sesimo kuye sakhombisa ukuthi kwakunguKristu.

56 UJosefa wayengumprofethi. Washo izinto zingakenzeki. Kwenzeka impela nje ngendlela okwenzeka ngayo. Indlela akukhuluma ngayo, yileyondlela okwenzeka ngayo. Futhi uhumusha amaphupho, futhi akanikezi neze nje ukuhunyushwa

kwalo kwasendle. Ngaso sonke isikhathi athi kuyoba ngaleyondlela, yileyondlela nje okwakuba ngayo. Wazalwa, umprofethi, walowonyaka. Kunjalo impela. Manje, sithola ukuthi uNkulunkulu waveza obala isimilo sesimo saKhe kuJosefa.

57 Bonke ababaprofethi baveza obala isimilo sesimo sikaNkulunkulu, ngoba sacosha iZwi lalowonyaka futhi lasikhomba. UNkulunkulu wahumusha iZwi laKhe, lalowonyaka, ngomuntu. Manje, akekho ongafumana iphutha ngalokho. Lowo ngumBhalo.

58 Awu, uma bekungaleyondlela njalo, akuzukudingeka yini ukuba kube ngokufanayo namhlanje, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

59 UNkulunkulu wahumusha iZwi laKhe uQobo! Wathi, "*Le*nto iyokwenzeka ngonyaka othize, na*le*nto iyokwenzeka," futhi Uyehla bese eyenza. Manje, Akadingi kuhumusha kukho, ngoba kuzenzela khona. Akadingi–muntu ukuba aMhumushe. UnguElohim, okhona ngokwamandla akhe, onele konke. Akadingi–sizo kumuntu. Niyabo, UnguNkulunkulu, futhi Wenza njengoba Ethanda.

60 Futhi kunento eyodwa esiqinisekile ngayo ukuthi Angeyenze; Angephikisane neZwi laKhe, futhi ahlale enguNkulunkulu. Uzofanele aligcine iZwi laKhe, ngoba iZwi linguNkulunkulu. Li. . .Futhi uNkulunkulu ukhonjwa ngeZwi laKhe elithenjiswe onyakeni.

61 Kokuthize, ngezinsuku ze, manje ini, ngezinsuku zikaMose? Wakhonjwa. Wakhonjwa ngoba Wakhonjwa yiZwi laKhe. Watshela uAbrahama, "Inzalo yakho iyogogobala ezweni labezizwe iminyaka engamakhulu amane. Ngiyakubakhipha ngesandla esinamandla."

62 Manje, ngenkathi lesisibonakaliso esikhulukazi senzeka, njengebhola elikhulu loMlilo esihlahleni esivuthayo. UMose wayengusokhemisi. Wayefundiswe kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe. Ukuba–ke uMose wayehambe wedlula nokwakhe—nokuma kwakhe kwemfundo, wayesethi, "Awubheke lesosihlahla esiyinqaba! Siyasha. Siyavutha. Amaqabunga ayaqhuma, futhi akukho lutho olubhujiswayo, oluqothulwayo. Manje, emva kokuba lokho sekuqede ukuvutha, ngizokha amanye amaqabunga bese ngehlela endlini yokusebenzela isayense bese ngithola ukuthi hlobo luni lwesithako esifuthwe ngaso"? Ngabe akukhulumanga neze kuye! Kodwa ngenkathi ekhumula izicathulo zakhe, wenyuka ngokuzithoba!

63 Yileyondlela esithola ngayo uNkulunkulu, uma sikhumula ukuziqhenya kwethu bese sikubeka phansi, bese senyukela eBukhoneni.

64 Lalelani lelophimbo likhomba. "NGINGUYE ENGINGUYE. NginguNkulunkulu ka Abrahama, uIsaka, nokaJakobe. Ngiyasikhumbula isithembiso saMi, futhi Ngiyabona isimo sikahle. Ngehlile, futhi Ngizokhuluma. Futhi Ngithuma wena, futhi wena uzoba yiphimbo laMi." O, he!

65 Yileyondlela Akwenza ngayo. Wakwenza ini na? Ngokuzikhomba Yena uqobo esimilweni sesimo saKhe, kokungaphezu kwemvelo. Okungaphezu kwemvelo ngesinye isikhathi kuyisimanga esikhulu esivelayo, Sithi ngqu sisuke kubantu. Abantu baba ngabantu abahle, abantu abakahle, kodwa ngezinye izikhathi baqonda ngokungesikho.

66 Yilokho–ke, leyo kwakuyinto efanayo ngoJosefa. Wayengaqondi. Uyindodana kaDavide, kodwa akaqondanga ukuthi uMariya wayengakhulelwa kanjani. Manje, akungabazeki, nalawo amakhulu, amehlo amahle ansundu, ambuka ebusweni, wayesethi, "S'thandwa, ngiyazi sithembisene ukuthi sishade. Nginokuthile ukuba ngikutshele khona. Ngibe nokuvakashelwa, nguGabriyeli, futhi ngi . . . Ngikhulelwe, 'ngoMoya oNgcwele,' Ungitshelile. 'Nalento ezozalwa ayizukuba yindodana yakho; kuzoba yiNdodana kaNkulunkulu.'" Futhi, manje, uJosefa wayefuna ukukukholwa lokho. Kodwa a—akakukholwanga nje, kul'khuni. Kwakul'khuni kakhulu kuye ukukholwa. Kodwa, niyazi, kwakungajwayelekile. Abesifazane abakhulelwanga, ngobuntombi, ngakho kwakungejwayelekile.

67 Nalokho yizinto ezingejwayelekile ezenziwa nguNkulunkulu. Kukhuba abantu. Kuyagqamisa, kuvula amehlo abanye, futhi kuphuphuthekisa abanye, ngesikhathi esifanayo. Kwakuhlala njalo kwenza lokho, Yena—Yena, izinto ezingejwayelekile nendlela engejwayelekile.

68 Ukuba uJosefa wayebheke kuphela umBhalo, ukuthola ukuthi kwakuzokwenzekani ngalolosuku. Manje, kwakungekho–baprofethi ngaleyonkathi. Babekade bengenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane. UMalaki wayengumprofethi wabo wokugcina. Nabaprofethi babengejwalekile impela. Ngakho babengenabaprofethi ngalezozinsuku, ngakho uNkulunkulu wathatha indlela yesibili, wayesemnika iphupho, wayesemtshela. "Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho, ngokuba lokho akukhulelwe, kuye, kungokukaMoya oNgcwele."

69 Niyabo, uNkulunkulu ezikhomba Yena uqobo, Uhlala njalo ekwenza lokho ngendlela yokungaphezu kwemvelo.

70 Manje, laba, uJosefa noMose, futhi ukuba nje besinesikhathi esiningi besingaqhubeka siqhubeke nje nakho. Kodwa niyaqonda ukuthi ngiqonde ukuthini, lokho, uNkulunkulu, kuyo yonke iminyaka, njalo uthumela umuntu ngamunye, umuntu oyedwa.

71 Pho nibambelelani eqenjini elithize, kanti onke anephutha na? IBhayibheli lasho njalo, iSambulo 17, konke kuyoqoqelwa eqenjini elilodwa elikhulu. Kodwa lapho kuyophuma abantu ngamunye okahle noNkulunkulu, hhayi iqembu elikahle; okahle ngamunye, umuntu ngamunye eqenjini. Manje siyathola, ke, siyaqophisana futhi siqhubeke, ngokuthi, "Singaba *leli*, futhi singaba *lelo*." Lokho akusho neyodwa into kuNkulunkulu.

72 Uwe njengomuntu ngamunye, phambi kukaNkulunkulu. Uma . . . Ufanele ume ngezinyawo zakho uqobo. Nguwe ozokwenza ubufakazi. Ngamunye wenu uzofanele enze lokho, aphendule kuNkulunkulu ngeSambulo.

73 Manje uma–ke ngikhuluma lapha kumuntu obengeke ngempela aLemukele, akukho lutho kuye ukuba emukele ngalo? IBhayibheli lathi, "Lowo ozinekela ekutamaseni ufile esekhona." Kungani kwakungesibo labo baFarisi na?

74 Bukani uJesu, konke esasikwazi, WayeziZwi likaNkulunkulu elibonakalisiweyo. Siyakukholwa lokho. IBhayibheli lathi kwakunguye. Awu, bhekisisani uma Esenze isibonakaliso saKhe sobuMesiya.

75 AbaFarisi, ababenokukhanya okuncanyana. Babengabantu abalungile, baphila impilo yobuKristu elungile, noma impilo enhle yezenkolo, babenokukhanya okuncane ngabo. Babe organ– . . . hlelile, nobupristi. Babenokukhanya okuncane. Kodwa phansi ekugcineni phansi enhliziyweni yabo, babengenakumelwa okuPhakade eNkazimulweni. Ngakho ngenkathi bebone lokho okungaphezu kwemvelo kwenziwa, bathi, "Lomuntu unguBelzabule, idemoni." Futhi kwenzekani na? Lokho kwacima lokhu kukhanya ababenakho.

76 Kodwa lapha kwakungomncane, owesifazane onegama elibi, isifebe. Phansi enhliziyweni yakhe, awu, wayenokumele omunye wemicabango kaNkulunkulu. Nango wayelapho, elinganisiwe esonweni. Kodwa ngenkathi ebone lokho kwenzeka, wathi, "Nkosi, ngiyakholwa Ungumprofethi wena. Ngiyazi nxa uMesiya efika Uyakusitshela lezizinto." Kwenzani na? Kwahlanza impilo yakhe. WayenguMhlengi, kuye, ngoba Wayekwazi ukumphakamisela lapho ayekade evele khona.

77 Kodwa lomFarisi, kucabangeni, enenkolo ngakho konke, noJesu wathi, "Ningabakayihlo udeveli, futhi niyokwenza imisebenzi yakhe." Indoda yezenkolo, ingowezinhle, iziyalo eziphakeme. Futhi uJesu wababiza ngokuthi, "Izinyoka otshanini, nodeveli." Benqaba ukuKhanya kwehora. Yilokho impela okwakuyikho.

78 UJesu onyakeni waKhe, Wayeyini na? Njengabaprofethi nje bonyaka wabo, ngamunye wabo wayeyiZwi likaNkulunkulu lihunyushelwa lowo nyaka.

79 UMose wayeyiZwi likaNkulunkulu, lihunyushiwe. UNkulunkulu wathi, "Ngiyakuthuma ezansi lapho, futhi

Ngiyakubakhulula. Ngithuma wena ezansi neZwi laMi. Ngiyokwenza izibonakaliso ezinkulu nezimanga." Wakwenza.

80 UMariya, wayeyiZwi likaNkulunkulu, lihunyushiwe. "Intombi iyakukhulelwa." Lelo kwakuyiZwi likaNkulunkulu, lihunyushiwe.

81 Manje nakhu kufika uJesu enkundleni, uNkulunkulu wabaprofethi. Futhi nampa babekhona, behlelwe kakhulu futhi babekwa icala lobelelesi, futhi, o, esimweni ngangokuthi ababange besakwazi ngisho noku . . . Abazange ngisho baMqonde. Akafikanga ngendlela ababecabanga ukuthi Wayefanele afike ngayo. Babecabanga ukuthi uNkulunkulu wayezodonsa isigwadlulo esincane *lapha*, futhi adedele imihubhe yaseZulwini yehle, futhi Wayezohamba aphume bese ethi, 'Kayafase, mpristi omkhulu kaNkulunkulu, seNgifikile.'"

82 Kodwa WayeneNgane izalwe emkhombeni, ezansi e— emgedeni omncane, isitebele eBethlehema. Ezansi le, notshani obomile nomquba wendlu yokukhweza izimpahla, ingane encane isongwe ngembeleko, yase Ilaliswa emkhombeni. Yayingenakho ukufunda esikoleni. Bhekisisani ukuthi baliqondisa kanjani iZwi na? Njengoba, WayeyiZwi. UyiZwi. Uhlala efana njalo, izolo, namuhla, naphakade. Kunjalo.

83 Manje, angenzi nayikuphi, ngintshinga noma yini, kunoma ubani kumbe noma yini. Lokho akukho enhlosweni yami ukwenza lokho. Uma lokho bekusenhliziyweni yami, bengizojikela phambi kwaleli ialtare, futhi ngilungise, kuqala.

84 Kodwa, bukani, kinina bantu enikhuleka kuMariya, abengomelayo; bukani uMariya. Ngikholwa ukuthi wayengowesifazane oyintombi, impela, kodwa nje wayengumshini wokuchamusela uNkulunkulu awusebenzisa ukuletha uKristu emhlabeni. Indlu e . . .

85 UNkulunkulu welula ithende laKhe, esuka ekubeni nguJehova, eya ekubeni ngumuntu. Wayengu *Emanuweli*, "UNkulunkulu akhe phakathi kwethu," ekhempe nathi; uNkulunkulu, ephethwe enyameni; uNkulunkulu, efakwe endlini ethendeni elibizwa ngomuntu, leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu.

86 Bukani uMariya. Nangu uMfana, eneminyaka eyishumi nambili ubudala, wayengakaze abe nosuku esikoleni, njengoba sazi ngaye; naNgu, emi ethempelini, enenkulumo mpikiswano nabapristi. Futhi bhekisisani, nakhu kufika lobaba nomama, izinsuku ezintathu nobusuku, babelahlekelwe nguYe, futhi baMthola ethempelini. Bathi, "Ndodana, sifune . . . " UMariya, lalelani uMariya, wathi, "Thina, uyihlo nami besiKufuna, imini nobusuku, ngezinyembezi." Bukani lapho, ephika ubufakazi bakhe. Watshela uJosefa ukuthi uMoya oNgcwele wamsibekela; watshela labobapristi ukuthi Lena yayiyingane eyazalwa

intombi; futhi nangu emi, futhi uthi, "Uyihlo, uJosefa, nami." Niyakubona ukuthi lokho akulungile kanjani na?

87 Kodwa bhekisisani iZwi likaNkulunkulu, lathi, "Anazi yini ukuthi Ngimele ukuba ngibe kokukaBaba waMi na?" IZwi njalo liqondisa ukweduka ngokukhomba uNkulunkulu phakathi kwabo. UMntwana oneminyaka eyishumi nambili ubudala, ukuba wayekade, uJosefa wayekade engubaba waKhe, Wayeyokwakha izindlu namakhabethe. Kodwa Wayephandle lapho ediliza lawomahlelo angalolosuku. WayekokukaBaba waKhe. Niyabona ukuthi Wayenzani na? "Futhi anazi yini ukuthi Ngimele ukuba ngibe kokukaBaba waMi na?" Niyabo, watshela umama waKhe, niyabona ukuthi ini . . .? Awu, WayeyiZwi.

88 UyiZwi, neZwi liqondisa ukweduka ngokukhomba kwesimilo sesimo sikaNkulunkulu. Amen. Bukani, ngenkathi izwe . . .

89 Sengathi ngiyambona uSimoni Petru. Ngake ngafunda indatshana, ngaye no—nomfowabo, uAndreya. Negama lakhe lalinguSimoni ngaleyonkathi, niyazi, futhi wayengakabizwa ngoPetru. Ngakho yena nomfowabo wayengabadobi, nobaba wabo, futhi babephandle olwandle. Nekhehla lase ligugile, wayesebabizela esikebheni, ngobunye ubusuku, wayesethi, "Bafana, niyazi simethembile uNkulunkulu. Izikhathi eziningi esasingabinakho esizokudla, futhi sasinezikweletu ukuba sizikhokhele. Futhi—futhi sasiphuma, singabambanga, izinsuku ezimbili noma ezintathu. Futhi umama wenu nami, ngaphambi kokuba ni . . . washona, ngani, sonke sasiqoqana futhi sikhuleke, noNkulunkulu wayesinika ukuba sibambe kahle. Bafana, ngimethembile uNkulunkulu, yonke impilo yami. Futhi ngangihlala njalo nginjenganoma yimuphi umHeberu weqiniso, ukubona uMesiya efika. Manje, bafana, sengi—ngiguge kakhulu manje. Mhlawumbe ngeke ngiMbone, kodwa ngifuna nina bafana nibe ngaba yaleke kahle."

90 Sengiyambona egaxa uSimoni ngezingalo, neyodwa kuAndreya, futhi athi, "Bafana, ngaphambi kokufika kwaKhe nje, niyobona ukugqamuka. Kuyobakhona zonke izinhlobo zezinto ezingamanga ziqubuka, ngakho nje kuyophuphuthekisa amehlo abantu." Njalo kuyakwenza lokho; futhi kwenza lokho nje. "Kuyobakhona zonke izinhlobo ze . . . Kodwa, khumbulani, ningadukiswa. UMesiya uyoba ngumprofethi. Isizathu, uMose wathi, kuDetoronomi isahluko 18, ivesi 15, 'INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami.' Manje, asinababprofethi bokubonakalisa iZwi likaNkulunkulu. Kwakukade kungekho namunye wabo lapha ukuba iZwi lize kuye, ngakho kade sinodaba lobuhlelo nje amakhulu ngamakhulu eminyaka. Kodwa nxa kufika Lowo enkundleni, ningadukiswa, Uyoba ngumprofethi. INkosi iyakuzenza yaziwe qobo lwaYo. Iyakuba

ngumprofethi. Futhi, nxa Ifika, Iyakuzikhomba qobo lwaYo njengomprofethi.

91 Sengiyabona ngolunye usuku lowo Simoni ehla ukuyobona uJesu lapho ogwini. Futhi ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaJesu, uJesu wambheka wayesethi . . .

92 Waqala nje inkonzo yaKhe, manje, uJohane oNgcwele isahluko 1, nasemva kokuba "iZwi selenziwe inyama futhi lakha phakathi kwethu," Nangu. Manje, siyatshelwa ukuthi uAndreya uMbone kuqala, futhi wamuzwa uJohane eshumayela, futhi wazama ukuthola uSimoni ukuba ahambe. Futhi wathi nje, "O, awu, ngomunye umshumayeli nje. Kuyeke. Futhi kubekhona *lokhu, lokho,* noma *okunye*." Kodwa, into yokuqala niyazi, babecabanga ukuthi babezokuza babone.

93 Wathi, "Manje uMesiya usefikile!" O, Andre . . . USimoni akakukholwanga lokho.

94 Ngakho wavele wenyuka nje ngolunye usuku ukuya lapho uJesu ayemi khona. UJesu wayemi phansi echibini elikhulu ngalokho kusa, nabobonke abantu babebuthene enhla. Nabesifazane bawasha izitsha ngokukhulu ukushesha, base behlalisa izingubo zabo emuva, nayoyonke into ababengezukuyiwasha ngalolo suku, behlela ukuzoMuzwa ekhuluma. USimoni wayekade edobe ngenetha bonke ubusuku lapho, futhi mhlawumbe wayengabambanga nhlanzi noma lutho. Waphuma, wacabanga, "Ngikholwa ukuthi ngizozwa nje ukuthi Uthini." Wenyukela kuYe.

95 Wayewuhlobo loMfo obukeka eyinqaba. IBhayibheli lathi, "Akukho buhle esingaMfisela bona." Wayengabukeki efana nenkosi.

96 Ubuhle bungobukadeveli, njalo. Kunjalo impela. Futhi singahle singene kulokho, kamumvanyana, ngakho–ke siyathola. Siyabona ukuthi uKayini wanikela ngani, futhi siyabona ukuthi kwakuyini eZulwini, futhi sithola ukuthi lelizwe liyini, lingubuhle obuyize, nani. IHollywood seyengamele, namhlanje, ngisho nebandla. Yebo, mnumzane. Ngumqondo wamanga, kadeveli.

97 Phakathi nobuhle beNkosi, ebungcweleni naMandla; hhayi ngopende, nophawuda, nezikhindi, nayoyonke enye into abazama ukuyigqoka nokuyenza. Kusebuhleni bobungcwele nokulunga. Asisibo abalelizwe. Singabombuso ongaPhezulu, lapho kuhlala khona ukulunga maphakathi. Yebo.

98 Bangeke bazihlobise ngaLokho. Eningi kakhulu ithelevishini, kanjalonjalo.

99 Ngakho manje–ke sithola ukuthi uSimoni wenyukela eBukhoneni baKhe, futhi nakho kumi Lowo uAndreya amkholwa ukuthi unguMesiya. Futhi njengoba uJesu, wathi nje Angambheka u—uSimoni, Wathi, "Igama lakho unguSimoni,

futhi uyindodana kaJona." Wazi ngaleyonkathi–ke ukuthi lowo Wayengubani. Kwakungekho hlaya lokuthi kwakukhona uNkulunkulu ekhonjiwe futhi khona lapha emBhalweni, isimilo saKhe esifanayo.

Ukuba uJosefa wayebheke emuva nje lapho wayesekubona lokho!

100 UJesu, ngenkathi Eshumayela lapha emhlabeni, Wathi . . . Wathi, "Hlolani imiBhalo, kuYo nithi ninokuPhila okuPhakade; YiYo efakaza ngaMi." Ukuba nje babefulathele basuka emthethweni. Umthetho wawungowalolo suku, futhi babephila kulolohlobo lokubenyezela okuxhopha amehlo. Kodwa nampa namhlanje, abakwazanga ukubona umBhalo ukhonjwa khona lapho. Futhi behluleka ukuWubona.

101 Futhi bakwenzile kuyoyonke iminyaka, futhi bayokwenza kulona, nawo. Akukho okunye kwabo abangakwenza. Kubikezelwe ukuthi bayokwenza, ngakho ba—bayokwenza. Ayikho indlela yokukugegela. UNyaka waseLawodikeya uyokwenza into efanayo.

102 Manje mbhekisiseni. Nango emi lapho, wayesethi, "Manje, kade singenaye umprofethi iminyaka engamakhulu amane, futhi nangu uMuntu Ongitshela ukuthi ngingubani, nokuthi ubaba wami omesabayo uNkulunkulu wayengubani. Lowo nguMesiya." Manje, siyatshelwa ukuthi uSimoni wayengazi lutho futhi engumuntu ongafundile, kodwa wenziwa inhloko yeBandla.

103 Siyathola, kwakukhona oyedwa emi lapho, ogama lingu—nguFiliphu, futhi wakubona lokho. Futhi wayekade enezifundo zeBhayibheli nendoda ethiwa—ethiwa nguNatanayeli. Uma uzomaka lapho uJesu ayekhona, kuya lapho afumana khona uNatanayeli, kwakungamamayela ayishumi nanhlanu. Lolo uhambo oluhle losuku. Ngakho ufanele ukuthi wagijima ejikeleza lapho, ngale kwegquma, kanjalo. Manje sizobona. Wathi, "Natanayeli!" Ngenkathi ehlangana naye, wathi, "Uyazi, kade sinezifundo zeBhayibheli."

"Yebo."

104 "Awu, manje, kade sikholwa ukuthi sekuyisikhathi sokuba kwenzeke into ethize. Izimiselo zezikhathi ziyaguquka, futhi sesiyisikhathi sokufika kukaMesiya, ngoba kade singenamprofethi manje iminyaka engamkhulu amane. Futhi uMalaki wasitshela ukuthi Uyothumela umanduleli phambi kwethu, futhi ngikholwa ukuthi lowo nguJohane."

105 Manje siyazi, uma nibona isibonakaliso, isibonakaliso seBhayibheli sangeqiniso, kunephimbo leBhayibheli langeqiniso emva kwaso. Uma kungekho phimbo elilandela isibonakaliso, iphimbo elidala nje elifanayo lesayense yezenkolo, khohlwa yilo; aliveli neze kuNkulunkulu. Likhona, njalo. Watshela uMose, "Uma bengayikukholwa isibonakaliso sokuqala, bayokholwa

yiphimbo lesibonakaliso sesibili." Kuzofanele kubekhona iphimbo elinesibonakaliso. Uqobo! Futhi uma kuyiphimbo elifanayo elidala lesayense yezenkolo, khohlwa yilo. Senivele nibe nalo lelo. Yinto ethize; uNkulunkulu uzama ukuheha ukunaka kwabantu, ngesibonakaliso, bese kuthi–ke abanike iphimbo, okusemva kwesibonakaliso. Kufanele kube yiphimbo langokomBhalo; uMose wayengeke alikholwe, kanjalo noPawulu wayengeke.

106 Esendleleni yakhe ebheke ezansi eDamaseku, ngenkathi ebone lesosibonakaliso, saleyoNsika yoMlilo, wamemeza kakhulu, "Nkosi!" Lelo Juda lalingeke neze libize noma yini enye into nge "Nkosi," kodwa iNkosi, kodwa iNkosi qobo lwaYo. Wathi, "UnguBani?"

107 Wathi, "NginguJesu, futhi kulukhuni kuwena ukukhahlela ezinkandini." Niyabo? Naso isibonakaliso sasilapho, futhi nanto iphimbo lesibonakaliso lalilapho.

108 Manje–ke bukani ukuthi wathini. Bukani, bhekisisani inkonzo yakhe kusukela lapho kuqhubeke, ukuthi wenzani, futhi nizobona ukuthi liphathwa kanjani ibandla.

Manje siyathola, ukuthi, lapho Wakhonjwa kuSimoni.

109 Manje–ke siyambona, uNatanayeli, sizomletha ngapha. NoNatanayeli wathi, "Manje, awume kancane. Manje, ufanele ukuba nephutha."

110 "Qhabo, anginalo iphutha. Uyamazi lowomdobi omdala esasivame ukudoba naye ezansi lapho na?"

"Yebo."

"Uyazi wayengakwazi ngisho ukusayina igama lakhe."

"Kunjalo, kuleyo risidi, yenhlanzi ngalesosikhathi."

111 "Ngenkathi enyukela eBukhoneni baLokhu engikwazi ngokuthi kunguMesiya . . . Manje, ngifuna ukukubuza, Natanayeli. Uyisifundiswa esikahle sasesikoleni, umHeberu olungileyo, nomfundi okahle weBhayibheli. Uyoba yini uMesiya nxa Efika na?"

"Awu, Uyoba ngumprofethi, ngoba iBhayibheli lathi U . . . "

112 "Awu, ubungathini ukuba bengikutshele ukuthi Watshela leyondoda, uSimoni, ukuthi wayengubani, nokuthi uyini owakhe, ukuthi wayengubani ubaba wakhe na?"

"O, ngeke ngakukholwa lokho."

"Awu, asihambe siyothola. Asihambe. Woza futhi ubone." Niyabo?

"Kukhona okuhle okungavela eNazaratha na?" washo.

113 Wathi, "Woza futhi ubone." Lowo ngumbuzo omuhle. Ungahlali ekhaya futhi uKugxeke. Woza futhi ubone,

ngesingawe. Wathi, "Woza, letha iBhayibheli lakho futhi ulihlolisise." Nangu eza.

"Kukhona okuhle okungavela eNazaratha na?"

Wathi, "Woza, ubone."

114 Futhi ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaJesu, uJesu wambheka. Manje Wathi, "Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye."

Wathi, "Rabi, Uze wangazi nini na?"

115 Wathi, "Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona."

116 Wathi, "Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu wena. UyiNkosi kaIsrayeli."

117 Ngani? Isimilo saKhe saMkhomba. Ngani? AmaHeberu isahluko 4, ivesi 12, kuyasho ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu linamandla kakhulu, libukhali kakhulu kunenkemba esika nhlangothi zombili, lihlaba lahlukanise, futhi lahlulele imicabango nezizindlo zenhliziyo."

118 Yilokho abaprofethi abakwenzayo, futhi babeyiZwi. BabeyiZwi onyakeni wabo, kodwa lapha kwakungukugcwala kweZwi. Niyabo? Babenguye owayekwazi ukubatshela okwenzekile, bahlulele imicabango; nokuthi kwakuyini, nokuthi kuyini, nokuthi yini ezayo.

119 Ngakho nango Wayemi lapho. O, kwakunabanye babo abama lapho, bathi . . . Babefanele banikeze impendulo ebandleni labo. Babefanele bakwenze, ngoba lapho i—imisebenzi yamandla wawenziwe futhi babengenakuwuphika.

120 Niyabo, base bevele benokuphilisa, mayelana nokuphiliswa. BabeneChibi laseBetsayida, enhla lapho, niyazi. Bona, iBetsayida, bangena kulelochibi base bephiliswa. Babenokuphiliswa ngokukaNkulunkulu kuyoyonke iminyaka, kodwa lapha kwakukhona umprofethi.

121 Ba—babefanele bakwenze. Niyazi ukuthi bathini na? "Lomuntu unguBelzabule, umbhuli. Wenza i . . . "

122 UJesu wathi, "Ngizonithethelela ngalokho. Kodwa nxa uMoya oNgcwele efika komunye unyaka, ukwenza iZwi elifanayo, imisebenzi owodwa . . . izwi elilodwa eliphambene naWo, alisoze lathethelelwa, hhayi kulelizwe noma ezweni elizayo." Lokho ukuhlambalaza, ukubiza uMoya kaNkulunkulu ngomoya ongcolile, owenza umsebenzi kaNkulunkulu. Kucabangeni kanzima ngempela lokho manje. Khumbulani, kugcineni lokho emqondweni wenu.

123 Yebo, Wakhonjwa kanjalo–ke izolo. Lowo kwakunguJesu, izolo. Futhi uma enguye namhlanje, Ubezokwenza okufanayo. Wazenza qobo lwaKhe waziwa kanjalo njengoMesiya. BaMazi kanjalo, ngalowo msebenzi. Bukani, lokho yi . . .

124 Kunohlobo oluthathu kuphela, izizwe ezintathu zabantu, leso yi, Juda, oweZizwe, nomSamariya. Nalowo ngu—nguHamu, uShemu, nabantu bakaJafethe. Manje, uma silikholwa iBhayibheli, bonke bavela emadodaneni kaNowa, nalelo yiJuda, oweZizwe, nomSamariya.

125 Manje, oweZizwe wayengabheke Sama–. . .naMesiya. Sasinesagila emhlane wethu, futhi sikhonza unkulunkulu wabahedeni. Thina Anglo–Saxon, kanjalonjalo, ngalezo zinsuku, sasingabahedeni, amaRoma namaGreki, kanjalonjalo. Sasingabheke Mesiya. Kodwa amaHeberu ayekubhekile, futhi U. . .

126 Khumbulani, kusondezeni lokhu manje. Ubonakala kuphela kulabo abaMbhekile. Ubonakala kuphela kulabo abaMbhekile. Uzenza Aziwe kulabo abaMbhekile.

127 Futhi Wazenza Waziwa kumaJuda, izikhathi eziningi. Masiqhubeka kamuva evikini, sithole eziningi izimilo. Kodwa khona manje. . .

128 Manje kunomSamariya, baMbhekile, futhi. Ngakho Wayesendleleni yaKhe ebheke ezansi eJeriko, ngakho Wayefanele enyuke ngendlela yaseSamariya, futhi Ufika emzini waseSikari. Cishe ngeleshumi nanye nqo, noma eleshumi nambili, futhi Wathumela abafundi emzini, ukuyothenga ukudla.

129 Besahambile, owesifazane onegama elibi wasemzini waphuma, mhlawumbe intombazane enhle. Wayekade cishe, niyazi, wayekade exoshwe ngabazali bakhe nayoyonke into, futhi wayekade engabonanga lutho ebandleni, ngakho nje waziphilisa ngendlela embi, ngokuba namadoda amaningi kakhulu. Futhi uza emthonjeni, futhi kwakukhona uJesu ehlezi lapho, iJuda.

130 Cishe wayebukeka emdadlana kunalokhu ngempela Ayeyikho, ngoba Wayenamashumi amathathu kuphela, futhi siyathola kuJohane oNgcwele 6 ukuthi basho ukuthi Wayebukeka sengathi Wayenamashumi amahlanu. Bathi, "Awukevi eminyakeni engamashumi amahlanu ubudala, futhi uthi ubone uAbrahama na?"

131 Wathi, "Engakabikho uAbrahama, Ngikhona." Niyabo? Kodwa kungahle ukuthi, umsebenzi waKhe, kungahle ukuba wawenze ubunzima obukhulu kuYe.

132 Nango Wayelapho, ehlezi ngale encike udonga, nalona wesifazane uyenyuka wayesethatha encane. . .Nina enine, ezansi lapha eNingizimu, isigwedlo, niyazi, nesiyindingilizi. Isekhona imithombo emidala emincane khona lapho, futhi indlela efanayo. Futhi kungokubonakala nxazonke okuncane, okufana nakho. Futhi—futhi wehlisa lembiza yamanzi.

133 Nifanele ukubabona labo besifazane. Nina besifazane nikhuluma ngokuhamba ngokuyikho! Ngike ngababona bethatha lezozimbiza, ezimumatha cishe amagalane amahlanu, futhi bazithatha futhi bazibeke phezulu ekhanda labo, eyodwa phezulu lapho. Abeke eyodwa enqulwini eyodwa, neyodwa kwenye, bese behamba ngqo, bexoxisana, futhi bangachithi ngisho iconsi. Bahambe nje kahle njengoba nihlale nibona.

134 Manje eMpumalanga, niyabo, abesifazane ababi nabesifazane abalungileyo abahambisani ndawonye. Kwehlukile lapha, kodwa—kodwa angeke lapho. Uyaphawulwa, uyaphawulwa. Yilokho kuphela. Uma eke waba nendoda engesiyo, akabe esahambisana. Kodwa lapho . . . Koniwe ndawonye konke lapha manje, siyathola, kodwa lapho kwakungenjalo.

135 Ngakho wayengenakuza nezintombi, zasekuseni. Wayedingeka enyuke cishe emini, ukuba akhe awakhe, amanzi.

136 Ngakho waqala ukwehlisa imbiza yamanzi. Kodwa kwakukhona imbewu emiselwe ngaphambili kulowo wesifazane omncane. Wehlisa leyombiza yamanzi, wayesezwa iNdoda ithi, “Ngiphe amanzi. Ngiphuzise.”

137 Waphenduka wayeseqalaza, wabona leliJuda. NaleliJuda, mhlawumbe, iNdoda ephakathi nendawo. Angazi ukuthi yini eyayisemicabangweni yakhe ngaleyonkathi. Ngakho wathi, “Ngani, akusilo isiko kuWe, uyiJuda, futhi ucele kimi, owesifazane waseSamariya.” Niyabo, wayengazi ukuthi kwa—kwakuyini. Wavele nje . . . mhlawumbe indoda mhlawumbe iyamqinela, ngakho i . . . Wathi, “Akulona isiko kini ningabaJuda.”

138 Futhi ngakho ingxoxo yaqhubeka. Wayezama ukwenzani na? Wayezama ukuheha ukunaka kwakhe. UBaba wayeMthumele enhla lapho, kodwa manje Wayefanele athole ukuthi kungani enhla lapho.

139 Babebheke uMesiya. Wayesevele Ezikhombile namaJuda, manje naNgu na—na—namaSamariya.

140 Wayesethi, “Akusilo isiko kuwe ukuba—ukuba—ukuba ucele kimi, owesifazane waseSamariya, okunjalo.”

141 Ngakho Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi. Ngiyokunika amanzi amaningi ungezi lapha ukuzokukha.”

142 Futhi bahamba bexoxa ngokukhonza. Emva kwesikhashana Wathola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Sonke siyazi ukuthi yayiyini, amadoda amaningi kakhulu. Wambuka, wathi, “Sifazane, hamba ubize indoda yakho bese uza lapha.”

Wathi, “Anginandoda.”

143 Wathi, “Ukhulume iqiniso, ngokuba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho.”

144 Bhekisisani lowo wesifazane. Bukani umehluko phakathi kwakhe naleyonhlangano. Mbhekisiseni njengomuntu ngamunye. Bhekisisani labobaFarisi, bathi, "LoMuntu unguBelzabule." Mbukeni. Hhayi yena.

145 Waphenduka, wayesethi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena." A, nakho lokho kuKhanya, niyabo. Ngenkathi iNdodana izithela eMbewini, nohlobo oluyilo, kuzoveza ukuPhila, ngokuqiniseke impela nje njengezwe. Kwashaya leyoMbewu kuleyonhliziyo encane yesifebe! Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje siyazi ku. . . Sesibenamakhulu eminyaka selokhu saba nomprofethi. Futhi siyazi ukuthi nxa uMesiya efika. SiMbhekile. Futhi nxa uMesiya efika, yilento Azoyenza."

146 Leso isibonakaliso sikaMesiya. Aniboni na? KwakunguMesiya owayekuMose. KwakunguMesiya owayeku Enoke. KwakunguMesiya kuyoyonke iminyaka. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. NguKristu ngaso sonke isikhathi.

147 Wathi, "Ngiyazi. Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, yilokho Azokwenza."

Wathi, "NginguYe okhuluma kuwe." O, he!

148 Phezu kwalokho, wawisa imbiza yamanzi, wagijimela emzini, wayesethi, "Wozani, nibone uMuntu Ongitshele engikwenzile. Kungebesiye yini uMesiya lona impela na?"

149 Nabantu balowomuzi, ngaphandle kokubona kwenziwa, wonke umuzi waMkholwa. Kunjalo. Ngani? Isimilo sesimo saKhe salokho Ayeyikho. Wakhonjwa kulowo muzi waseSikari. Wakhonjwa, uMesiya kaNkulunkulu, ngesimo saKhe, isimilo sasikuYe. Isizathu, Waye—WayenguNkulunkulu wabaprofethi. WayengumProfethi. WayengumProfethi obonakalisiweyo. Ubehlala enjalo, kusukela phansi onyakeni, ofanayo, futhi uma Enguye izolo, namuhla, naphakade.

Manje ukusheshisa bese ngivala.

150 Siyatshelwa, kuZakariya 14:6 nele 7, ukuthi, "Kuyobakhona usuku," umprofethi waprofetha, "ukuthi zingebizwe ngemini nobusuku. Ngoluhwaqabele, olukhwantabele, usuku olumnyama, "kodwa ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya." IBhayibheli lasho njalo.

Manje bukani, sengivala.

151 Ngokomumo wezwe, ilanga liphumela kubantu baseMpumalanga, kuqala. Liphuma eMpumalanga futhi lishona eNtshonalanga. Manje ngilandeleni nisondele. Impucuko ihambisane nelanga. Sonke siyakwazi lokho, asikwazi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

152 Libenjalo neVangeli. IVangeli laqala eMpumalanga. Livela eMpumalanga; lawela, layongena eJalimane, lawela iMediterranean, layongena eJalimane; lasuka eJalimane,

lawela uMgudu waseNgilandi, layongena eNgilandi; ukusuka lapho, lawela iAtlantic, layongena eUnited States, oGwini lwaseMpumalanga; futhi lihambe laya oGwini lwaseNtshonalanga. Manje iMpumalanga neNtshonalanga sekuhlangene.

153 Nelanga elifanayo eliphuma eMpumalanga, yilanga elifanayo elishona eNtshonalanga.

154 Manje bhekisisani. INdodana iSon, iS–o–n, iphume njengoMesiya, kubantu baseMpumalanga.

155 Futhi manje sibenosuku, selokhu kwaba sekuhambeni kwaYo, lwamahlelo nokuhlangana ndawonye, no—nokunjalo kanjalo. Sibenokukhanya okwenele njengosuku oluhwaqabele uma ilanga lifihlwe ngamafu. Futhi babekade benamahlelo. Sakha izibhedlela. Sakha izikole. Sakhe izinhlangano. Senze zonke lezizinto ngayo impela nje indlela esifanele sikwenze ngayo.

156 Kodwa Wathi, "Ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukuKhanya." Lowo Jesu ofanayo, emandleni aKhe avukileyo, ayovuka futhi, njengoba Athembisa kuMalaki 4, njengoba Athembisa kuJohane oNgcwele 14:12. Njengoba Athembisa kuLuka 17. "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

157 Bukani ukuthi kwenzekani emihleni yaseSodoma. UAbrahama, lo owayenesethembiso sendodana ezayo, lapha simthola ezansi lapho, futhi siyasibona isibonakaliso esenziwa.

158 Ezansi lapho eSodoma, sibonile ukuthi kwenzekeni. Futhi niyazi asikaze. . .Manje, lapho, uLoti wayengumfanekiso webandla lemvelo, ezansi eSodoma, inhlangano, futhi babenesithunywa ezansi lapho. Kwakukhona izithunywa ezingangezimbili ezehlela lapho, uBilly Graham noOral Roberts besimanje. Futhi niyazi ukuthini? Asikaze sibekhona isikhathi, emlandweni webandla, lapho umuntu ake athunyelwa khona emhlabeni jikelele ebandleni, negama lakhe liphetha ngo h–a–m, kuze kube yilesisikhathi. UBilly G–r–a–h–a–m, izinhlamvu eziyisithupha. UA–b–r–a–h–a–ma izinhlamvu eziyisikhombisa. Kodwa uBilly G–r–a–h–a–m uphumele lapho ngqo eSodoma, ebhaklaza le futhi ebabizela ngaphandle.

159 Kodwa, khumbulani, kwakukhona oYedwa ebandleni likamoya, owayengaphandle, uAbrahama obizelwe ngaphandle. Bhekisisani ukuthi hlobo luni lwesibonakaliso Alunikezayo. Akazange ashumayele okuningi kweVangeli; wavele wabatshela nje ukuthi izithembiso sasiyini eziseduze kokuba yi. . .Futhi Wathi, "Uphi uSara?" Manje, khumbulani, wayenguSarayi usuku ngaphambi kwalokho, futhi wayenguAbrama usuku ngaphambi kwalokho. Manje Wathi, "Abrahama, A–b–r–a–h–a–ma, uphi uS–a–r–a na?" hhayi uS–a–r–a–y–i. "Uphi u *Sara*, "inkosazana," umkakho, uyise wezizwe na?"

Wathi, "Usethendeni, emva Kwakho."

160 Wayesethi, "Ngizonivakashela ngokwesikhathi sokuphila."

161 INdoda edla inyama yethole, yaphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi idla amaqebelengwana ommbila, iphuza ubisi. INdoda, inothuli ezingutsheni zaYo, futhi ihlezi lapho Ifulathele ithende. Yathi, "Uphi uSara umkakho na?"

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

162 NoSara wathi, "Mina, isalukazi njengoba ngiyiso, iminyaka eyikhulu ubudala, njengendoda nomfazi sesayeka kudala . . . ukuba nenjabulo nenkosi yami, nayo isindala, futhi na?" IBhayibheli lathi "begugile," sekube yiminyaka neminyaka. Wayenamashumi amane–nanhlanu eminyaka esadlula ukunqamuka esikhathini, noma ngaphezu kwalokho, mhlawumbe amashumi amahlanu–nanhlanu eminyaka esedlule ukunqamuka esikhathini. "Futhi mina ngibe nenjabulo nendoda yami, njengowesifazane osemusha na?" Wahlekela ngaphakathi, niyazi.

163 Futhi, lokho, yayingenzani leyoNdoda, leyoNdoda ikuleyo nyama yomuntu, yathi, "Uhlekeleni uSara na?"

164 Kwenzekani na? UAbrahama wabiza leyoNdoda ngokuthi u, "Elohim," uNkulunkulu uSomandla emelwe esidalweni esingumuntu.

165 UJesu iNkosi yethu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekuFikeni," futhi bhekisisani, "lapho iNdodana yomuntu ibonakaliswa, yenziwa yaziwa," uLuka 17. "Lapho iNdodana yomuntu, ngezinsuku zokugcina, yembulwa khona. INdodana yomuntu yembulwa, iVangeli laYo liYikhomba njengoba kwenzeka emihleni kaLoti."

166 Bukani ukuthi benza kanjani manje, izizwe eziphendukezelwe. O, he! Bukani ongqingili, futhi bukani ukuthi sinani manje. Ibandla liyimfucumfucu. Isizwe siyimfucumfucu, nayoyonke into. UNkulunkulu uyayibhodla, kusukela phezulu echosheni phansi ekugcineni komhlaba. Yonke into iyimfucumfucu.

167 Ngokomumo wezwe, kanti futhi nakokuphathekayo, inkundla iyahlelwa. Akusiso yini isikhathi sokuba uNkulunkulu abuyele enyameni yomuntu, "iZwi elibukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, nelehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo," ukuba libonakale enkundleni, ukwenza uJesu Kristu abe nguyena izolo, namuhla, naphakade! YiZwi elithenjisiwe elabelwe lolusuku. Siphila kulolusuku, noNkulunkulu ulapha nathi, ukubonakalisa lokho nokukwenza kube yiqiniso.

Asikhothamise amakhanda ethu.

168 Baba waseZulwini, Wathi, "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." SiyaKubona, Nkosi, ngazo zonke

izibonakaliso; izizwe ziyehlukana; uIsrayeli usezweni lakhe lendabuko; ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo; izinhliziyo zomuntu ziyehluleka; imiqondo ephendukezelwe; eyonakele ngakulo iQiniso. "Njengo Jane noJambre bamelana noMose," Wena wathi, "umuntu owonakele inqondo, onikelwe ezedukisweni ukukholwa amanga futhi alahlwe yiwo." Kodwa Wena wethembisa, ngalolosuku, ukuthi Wawuzozenza waziwe qobo lwaKho, iNdodana yomuntu iyokwembulwa, uJesu Kristu onguyena izolo, namuhla, naphakade, ngesimilo sesimo saKhe esifanayo esaMkhomba kuyoyonke iminyaka.

169 Kwangathi Yena, kulobubusuku, Nkosi Nkulunkulu, Johova omkhulu, Elohim, angehlela kubantu baKho, kulobubusuku, Nkosi. Yehla futhi Uzazise, ukuze amakholwa akholwe. Ukuze abantu baqonde futhi bazi ukuthi Wena usalokhu uhlezi unguNkulunkulu, futhi Unguwe izolo, namuhla, naphakade. Futhi–ke, Nkosi, labo abamiselwe ukuphiliswa, nalabo abamiselwe ukuPhila okuPhakade, bazofinyelela bese bebambelela, Nkosi, ngokuba lesi isikhathi sokuvakashelwa. Kwangathi singedlule ngeze. Ngicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

170 Bangaki okholwayo ukuthi yiqiniso, lelo yiVangeli na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje siphila kulolosuku na? Leyo yinto elandelayo. Uma kuyilo, uNkulunkulu ubophezeleke ngokuqinisa ukulukhomba.

171 Manje uma nizonginakisisa. Ngizothi ukuba leyithi kancanyana nje, nginitshelile kulobubusuku, mhlawumbe imizuzu eyishumi nanhlanu.

172 Sikhipha amakhadi omkhuleko...O A, oA. Kulungile, asiqale ngokushesha okukhulu. U A, wokuqala. Ngizokubiza nje ube wedwa ngesikhathi, ukuze ukwazi ukuma ngapha ngqo, uma uthanda. U A, wokuqala. Ubani onekhadi lomkhuleko uA, wokuqala, phakamisa isandla sakho? Manje uma ungakwazi ukusukuma, ngizo...abanye babo bazoza bakuthathe. U A, wokuqala, kulungile. Manje woza nje njengoba ubizwa, inombolo yakho nje. Kulungile, uA, wokuqala. Kulungile.

173 Owesibili, ungasiphakamisa isandla sakho na? Owesibili, ikhadi lomkhuleko uA, wesibili, phakamisa isandla sakho. Ungeza, nenekazi na? Manje uma kukhona umuntu okhubazekile futhi engakwazi ukusukuma, abangenisi bazokuqukula. Owesibili.

174 Owesithathu, phakamisa isandla sakho nje. Kuzokonga isikhathi, ngokushesha impela, uma uzobiza...Owesithathu, ungasiphakamisa isandla sakho na? Khona lapha, nenekazi. Owesine, phakamisa isandla sakho, owesine. Umkhuleko... Owesine, woza. Kulungile. Owesihlanu, ikhadi lomkhuleko lesihlanu. Khona lapha, nenekazi. Elesithupha.

175 Hhe? Uyakwazi ukuhamba na? Okey. Lokho yi. . . Noma, mthatheleni isihlalo phansi lapho. Inenekazi liyagula, ngiyacabanga, noma mhlawumbe umyeni walo, noma ngabe ubani obehlezi lapho nalo. Noma yi. . . Lithatheleni isihlalo lapho, li. . . Kulungile.

176 Elesikhombisa. Elesishiyagalombili. Eleshiyagalolunye, isishiyagalolunye. Ngithola. . . Ya, lapha, isishiyagalolunye, isishiyagalolunye. Leshumi, eleshumi, ikhadi lomkhuleko leshumi? Leshumi nanye, leshumi nambili, leshumi nantathu, leshumi nantathu, leshumi nane. Yehlela kwelinye icala ezansi lapho, leshumi nane. Leshumi nanhlanu. Kulungile, yana—yana emva kwabo ngqo.

177 Manje nje ake nime umzuzu nje laba baze babe semgqeni, sibone ukuthi sikuphi lapha umzuzu nje. Manje bonke abanye benu bamba ikhadi lakho nje umzuzu nje.

178 Manje bangaki kulelibandla a—abagulayo, futhi bengenalo ikhadi lomkhuleko na? Phakamisani izandla zenu *kanje*. Kulungile. Wonke. . . Angikhathali ukuthi ukuphi. Kulungile.

179 Manje hloniphani ngokuzithoba nje. Manje, bukani, besalayinisa umugqa womkhuleko, nonke nginakisiseni manje. Nifanele nikulalele enginitshela khona. Niyabo? Qaphelani.

180 Ngesinye isikhathi kwakukhona owesifazane, uJesu wayedlula edabula izwe Wayesewelela ngapheseya kolwandle, Wayesengena endaweni futhi kwakunowesifazane owayenomopho. Futhi bonke abapristi nabo wayephandle, babehlekisa ngaYe, kusobala. Futhi kwakunesigejane phandle lapho esasiMkholwa. Futhi Wayedabula esixukwini. Nowesifazane wathi phakathi kwenhliziyo yakhe. . .

181 Manje lalelisisani manje. Nilalele na? Thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Lona, manje, owesifazane. . . Niyabo, uma yonke into ithikazisa kulokho okwenzayo, uyabo. Wonke umuntu uyi. . . Angiphathelene nawe njengo—njengomzimba. Ngiphathelene nawe njengomoya, umphefumulo. Uyabo? Futhi lokho kunyakaza, unomqondo wakho uya kwenye indawo, uyabo, ngizama ukuthola ukubamba lokho. Qaphelani manje, kwakukhona indoda eyabuka uPawulu, ikholwa ngokoqobo; uPawulu wathi, “Ngiyabona unokukholwa ukuba uphiliswe.” Niyabo? Manje qaphelani.

182 Lona wesifazane, lapho edlula lapha, akakwazanga ukufika kuYe. Bonke abantu babeMgaxa, yonke into. Asithi, nje ukusho—nje ukusho manje, wayengenalo ikhadi lokukhulekelwa futhi wayengezukungena emgqeni.

183 Futhi ngakho, wonke umuntu, “Halo, Rabi! Awusho, Ungumprofethi na? Si—sikholwa ukuthi kuzofika umprofethi, kodwa a—angikwazi Wena. Uyabo, a—angiqinisekile. Ngizokhishwa ebandleni lami uma ngingakholwa yiLokho.” Niyabo? Futhi, niyazi, indaba endala nje efanayo iphindwa.

184 Ngakho manje–ke lona wesifazane omncane, wakukholwa. Ngakho wedlula wathi nyelele, wayesethi, "Uma ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngiyosinda." Ngakho waMthinta.

185 Manje uma noma ubani owake wabona ingubo yamaPalestina, unengubo yangaphansi, bese kuba yingubo yangaphandle eshwibeka ikhululeke. Manje, uma omunye wesifazane ethinte elinye lebhantshi lakho wena wesilisa, umsila nje webhantshi lakho, ka*njalo,* wayesesuka ehamba, ubungeke neze ukwazi esixukwini esinjalo. Kuthiwani–ke ngaleyo ngubo enkulu ilenga kude *kangako* kuYe na? Futhi wayeguqe ngamadolo akhe futhi nje wathinta ingubo yaKhe, wayesebuyela emuva.

UJesu wama. Wathi, "Ubani oNgithintile na?"

186 Futhi bukani ukuthi uPetru wathini, manje, nezihluthulelo kuwo uMbuso. Ngamany'amazwi, asikubeke nje ngamazwi osuku lwethu, "Ngani, Nkosi, Usho ezinye zezinto ezimbi kakhulu kabi! Awu, labo bantu bazocabanga ukuthi Uyahlanya, kukhona okungalungile. Wonke umuntu uKuthintile."

187 Wonke umuntu wathi, "Halo, Rabi! Awusho, ngabe Ungumphilisi ngokukaNkulunkulu na? Usho njalo. Uthi . . . Awulinde, nginendawo yamangcwaba egcwele abantu enhla lapha, uma Ufuna ukuvusa oyedwa wethu. Yenyuka, futhi sizoKukholwa uma Uzokwenza lokho." Nabanye nje bengakuYe nabanye bemelene, njengoba kunjalo nje kuzozonke izixuku, niyabo; futhi behlekisa, nabanye beMkholwa.

188 Futhi uPetru wathi, "Ngani, wonke umuntu uyaKuthinta! Ungayisho kanjani into enjengaleyo na?"

189 Wathi, "Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngiphele amandla; kuphumile amandla kiMi," lokho ngukuqina.

190 Bukani, Waqalaza ezethamelini Wase eyamthola owesifazane omncane. Wayengenakukufihla. Niyabo? Wayenaleyo mbewu ilele phakathi lapho. O Nkulunkulu, siphe leyoMbewu! Yilokho esikufunayo khona manje. Wamthola, Wayesemtshela ngomopho wakhe. Wathi, "Ukukholwa kwakhe kwakumphilisile."

191 Bukani, nina nithi, "Lokho, ukuba Wayelapha kulobubusuku, ngangiyokwenza into efanayo." Ukuba Ubehambe wehla edabula kulendlu, kulobubusuku, niyakholwa ukuthi ukuba beniMthintile beniyosinda na?

192 Awu, ake nginitshele. ENcwadini yamaHeberu, isahluko 3, kuyasho ukuthi, "Yena khona manje ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu." Bangaki okukholwayo lokho ukuthi kuyiQiniso na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Awu, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, Ubengenza kanjani namhlanje na? Okufanayo njengoba Enza izolo. Kunjalo na? ["Amen."]

193 Manje anidingi ukuba phezulu lapha. Kholwani nje, futhi shonini lokhu, "Manje, Nkosi, ngi—ngi . . . Lokhu konke kuyaxaka, kodwa indoda ekukhuluma kuphuma eBhayibhelini. Kuzwakala . . . " Kwakuzwakala kuxakile kuyoyonke iminyaka. Kodwa kuhloleni, futhi nibone uma imiBhalo . . .

UJesu wathi, "Hlolani imiBhalo; Ifakaza ngaMi." Niyabo?

194 Manje hlolani imiBhalo. Lelo yiqiniso. Sisezinsukwini zokugcina. Yonke imvelo ifakazisa ukuthi yizinsuku zokugcina. Ibandla esibumbatheni salo, nonke niya ekuhlatshweni okukhulukazi kwenkolo yonke yobukristu masinya impela, enhla lapha, niyabo, isifebe esingumama nje nawo onke awamadodakazi akhe, njengoba—njengoba nje iBhayibheli lasho, nithatha uphawu lwesilo futhi ningakwazi. Niyabo? O, singena kulokho kamuva.

195 Qaphelani manje, Esekhona, uma singathola uBukhona baKhe lapha. Nina khona lapho ningenalo ikhadi lomkhuleko, thintani ingubo yaKhe. UngumPristi oMkhulu. Ukwenza kanjani na? Ngokukholwa kwakho na? Thinta ingubo yaKhe bese ubona ukuthi Akajiki yini bese enza into efanayo Ayenza ngaleyonkathi. IBhayibheli lathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Lokho bekungakholeka kakhulu. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

196 Manje, wonke umuntu, akungaxokozeli–muntu manje macala onke. Zithobeni ngokuhlonipha impela. Niyabo, nifanele nimhloniphe uMoya oNgcwele. Hloniphani! Indlela kuphela eniyoke nithole noma yini kuNkulunkulu, ukuhlonipha uMlayezo waKhe. Uhlonipheni. Manje lalelani.

197 Asithathe nje, nonke nina maMethodisti, maBaptisti, maPentecostal, neKatolika, nawo onke, thathani inkolo yenu nje, ihlelo lenu, bese nilibekela ngapha, eceleni, imizuzu embalwa, bese nithi, "Uma EyiZwi, iZwi lehlulela imicabango osenhliziyweni. Lowo kwakunguMesiya izolo; lowo nguYe namhlanje. Kuzofanele kube nguye. Futhi Wakwethembisa namhlanje, manje."

198 Manje nanti inenekazi elincane limi lapha. Manje akunganyakazi muntu. Hloniphani ngokuzithoba impela nje futhi nime nithule du. Manje mina, nge—ngesiphiwo . . .

199 Manje, isiphiwo asisiyo nje into oyithatha njenge—ngembazo yokuklabha, bese uhamba uyoklabha futhi ugawule. Lokho yiphutha. Isiphiwo ngukwazi ukuthi wena uqobo udeda kanjani endleleni. Kungukuziphumuza wena uqobo nje bese uzikhipha wena uqobo, bese kuthi–ke uNkulunkulu eyangena bese ekusebenzisa ngendlela Afuna ngayo. Isiphiwo singesokuba uzidedise wena uqobo endleleni. Niyabo? Hhayi into oyifaka esandleni sakho, uhambe uyogwaza futhi uhlabe; lokho, lokho akusuye uNkulunkulu. Niyabo? Into esiyenzayo ngukuba nje uzidedise wena uqobo endleleni, bese–ke uMoya oNgcwele

ungena bese uyosisebenzisa noma ngayiphi indlela Afuna ukusisebenzisa ngayo.

200 Manje ufanele uzidedise wena uqobo endleleni. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu ubengenzani lapha, Ufanele akwenze kuwe, futhi. Akunandaba ukuthi Ubengangigcoba kangakanani mina, Ufanele agcobe wena. Uma Engakwenzi, "imisebenzi eminingi yamandla Wayengenakuyenza."

201 Manje ngikholwa ukuthi ukhona engimbonile, umfanyana, ubukeke sengathi, uhlale ngapha esihlalweni esinamasondo noma okuthize. Bengicabanga ukuthi ngibone indoda emuva lapho. Akunandaba ukuthi kuyini, ukuthi ukuphi, manje kholwa nje. Nangu owesifazane omncane uzofanele uhlale lapha, egebile ngaleya.

202 Manje khumbulani, ngingeke ngaphilisa muntu. Ayikho into okuthiwa noma yimuphi umuntu ephilisa. NguNkulunkulu. Bangaki okuqondayo lokho manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ukuphilisa sekuvele kuthengiwe. Kufanele kukuthole ukuba ukholwe ukuthi uBukhona baKhe bulapha ukugcina iZwi laKhe. Manje uma nginitshele iZwi laKhe, ukuthi Wethembisa ukwenza lokhu, futhi nonke niyakukholwa; manje uma Ekwenza, lokho kuMkhomba lapha.

203 Manje nangu owesifazane emi lapha, inenekazi elincane. Liselisha kakhulu kunami. Futhi nasi isithombe sikaJohane oNgcwele 4, owesilisa nowesifazane babonana okokuqala. Siyizihambi, ngiyethemba, ntombi, (sinjalo na?) komunye nomunye. [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Sinjalo. Manje ngifuna izethameli zibuke. Angilazi. Angikaze ngilibone. Nilizwile nje likusho. Angilazi. Alingazi. Nakhu simi.

204 Manje kungahle ukuba liyagula. Lingahle ukuba likwezezimali. Kungahle kube inkathazo yezasekhaya. Kungahle kube ngokomunye umuntu. A—anginawo umqondo omncane. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone.

205 Kodwa ukuba uKristu ubemi lapha, egqoke lesudu, Angipha yona, manje . . . Futhi uma ethi uyagula, uma ubengathi, "Nkosi, Ungangiphilisa na?" Ngani, Ubezophendula ngqo, futhi, Akukho angabe esakwenza, futhi amtshele ukuthi Usevele ukwenzile. [Udade uthi, "Akadunyiswe uNkulunkulu!"] Bangaki okukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Ubengeke akwenze . . .

206 Kodwa Ubengazikhomba Yena uqobo enguMesiya. Ubezokwazi lokho, ngoba Ubezokwenza lokho, abe nesimilo sesimo esifanayo. Manje bekungebe yimi uma Enze lokho, ngoba . . .

207 Kuqala, kwakunguNkulunkulu eNsikeni yoMlilo, uNkulunkulu ngaphezu kwethu; bese kuba uNkulunkulu enathi, kuKristu; manje uNkulunkulu kithi, niyabo, amadodana kaNkulunkulu, esimweni sobuntwana uKristu

azela ukuzosenza, ukuhlenga izingxenye ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu njengoba Enza ekuqaleni.

208 Manje uma iZwi laKhe lihlala phakathi *lapha,* futhi nginitshele iQiniso, futhi yilokho, neZwi liphakathi lapha, enhliziyweni yami, khona–ke uNkulunkulu uzozikhomba Yena uqobo njengalokho kuyiQiniso. Manje–ke lokho kufanele kwenzeni kulelibandla na? Kufanele kwenzeni, uma nibona umBhalo khona lapha phambi kwenu na? [Ibandla liyajabula—Umhl.]

209 Manje, manje ngifanele ngikhulume kowesifazane, ngoba kade ngishumayela. Ukuba nje ngikhulume kuye nje umzuzu, uze uMoya oNgcwele unyakaze, bese kuthi–ke nonke niqala ukukholwa. Manje, futhi sizonibona kusasa ebusuku, manje. Niyabo, lokhu lapha, ni—nikwelinye izwe, elinye izinga, nivele nje. . . anazi ukuthi kwenzekani. Nina, noma ngabe ubani osembhobhweni, kugcineni nje kuye phezulu.

210 Manje ngifuna ukukhuluma kuwe nje njengoba iNkosi yethu yenza kowesifazane emthonjeni. Manje, ngingowesilisa, futhi wena ungowesifazane, okokuqala ukuba sibonane emhlabeni. Futhi—futhi manje uma . . . Wamtshela, "Ngifuna ungiphuzise amanzi," noma into enjengaleyo. Uyayikhumbula indaba na? Sewake wakufunda lokho eBhayibhelini na? Wakufunda na? Kulungile.

211 Manje uma iNkosi uJesu izokwenza into efanayo kulobubusuku, izothi ukwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, noma okwenzile, noma—noma ukuthi uze ngani lapha, into ethize enjengaleyo, ubuzokwazi ukuthi beku—kuzobe kuvele emandleni athize aphezu kwemvelo. Ubuzokukholwa ukuthi kuyilokho engikukhombise khona ukuthi umBhalo uthi kuzoba yikho na? Sibona ukuzamazama komhlaba okuningi, sibona izwe likulenxushunxushu, sibona amahlelo, indlela ayiyo, futhi sekuyisikhathi salokho ukuba kwenzeke. Akusiso na? Uyakukholwa na? Awu, manje, uma Ubezozikhomba Yena uqobo nalokho, lokho bekuzoba nguNkulunkulu. Bekungebe yimi njengomuntu. Ngingumfowenu nje.

212 Manje, wena ungumKristu. Hhayi ngoba uthi, "ayidunyiswe iNkosi." Ubungaba ngumdukisi umi lapho, usho lokho. Uyabo? Kodwa, uma bekunjalo, Ubezo—Ubezo—Ubezokwazi. Niyabo? Kodwa ngiyawuzwa umoya wakho ungqangqazela. Yiqiniso. UngumKristu.

213 Manje, uma iNkosi uJesu izokwembula kimi ukuthi yini engalungile ngowesifazane, bangaki abazokholwa manje ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

214 Manje ngibuke, dade, umzuzwana nje. Nakhu Kuza. Uyabo, manje nje ngi . . . Kufanele kube ngumbono, uyabo. Kuzofanele kukubone ngenye indlela, ngoba . . . Yebo, mnumzane. Manje Nakhu. Akadunyiswe uNkulunkulu! Ngithatha wonke umoya,

ngaphansi lapha manje, ngaphansi kokulawula kwami, eGameni likaJesu Kristu. Hloniphani. Buka lapha umzuzwana nje, nenekazi. Ngibuke. Manje isikhathi seNkosi ukusho okuthize noma yenze okuthize.

215 Uma uzwa, uma wake wasibona lesosithombe salokho kuKhanya, Kumi phakathi kwami nowesifazane. Futhi ulapha, uphethwe yisifo segazi. Yisifo sikashukela. Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyabo? Manje uma ke . . .

Omunye angahle athi, "Ukuqagelile nje lokho."

216 Buka lapha, ntombi. Ungumuntu omuhle manje. Buka lapha. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane."—Umhl.] Uyakholwa. Angeke ngiphilise. Futhi angazi ukuthi kuthiweni kuwe. Noma ngabe bekuyini, bekuyiqiniso, bekungesilo na? Nakhu okunye. Ngibona i—intombazane. Yintombazane encane oyikhulekelayo, enokuthize endlebeni yayo. Yindlebe evuzayo, akunjalo na? Yebo, yebo, kunjalo. Izophila. Uzophila. Manje hamba, ukukholwe. Hamba, ukukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho. Kholwa, dade.

217 Manje niyakholwa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade na? [Ibandla liyajabula—Umhl.] Uma nikholwa nje, yibani nokukholwa nje—nje. Niyabo? Ningangabazi. Niyabo, "Lehlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo." Bangaki owaziyo ukuthi iZwi lenza lokho na? ["Amen."] IBhayibheli, kukhombisa ukuthi benifunda iBhayibheli. Manje akunandaba ukuthi ukuphi, kholwa manje ugcobo.

218 Bangaki obone lesosithombe seNgelosi yeNkosi, esithathwe ngapha? Manje lokho kuKhanya okufanayo akuqhelile ngamafidi amabili ukusuka lapho engimi khona khona manje. Niyabo, kukwelinye izinga ningeke nakubona. Siphila kuphela ngemihlanu; lona ngomunye. Manje hloniphani nje umzuzwana.

219 Manje nanti inenekazi. Angilazi. Angikaze ngilibone. Siyizihambi komunye komunye, ngiyethemba. [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Futhi lokhu ngukubonana kwethu kokuqala, futhi nje owesilisa nowesifazane. Futhi uma bengingakwenzela noma yini, impela bengi—ngingakwenza, kodwa ngi—ngingumuntu nje.

220 Kodwa, ngesiphiwo sikaNkulunkulu, ngifuna ukukhomba, ngifuna uJesu azikhombe Yena uqobo eZwini engisanda kulishumayela nje, ukukhombisa ukuthi yilelihora; iZwi elabelwe lelihora, ukuthi sedlulile ezikhundleni zamahlelo, silungiselela ukuya oHlwithweni. Ukuzama nje ukuthola ukukholwa kwabantu, ukuba bakholwe. Niyabo?

221 Njengase—sezivivaneni nje, niyabo, lelotshe eliyinhloko elingazange lifike ngaphezulu. Emalini yenu eyidola, inaso. Niyabo? Manje leyonkonzo netshe eliyinhloko. Lapho elalikhona phansi le lapha kwiLuthela, uWesly, futhi kwehle njalo,

nje kuyi. . .Kungesiyo imfundiso yesivivane manje, niyabo. Ngikhombisa lokhu nje kube ngukubonisa ngokwenza. Lelotshe eliyinhloko lizofanele liphelele kakhulu njengawo onke amanye, lize lenele ngokuqonde ngqo kuso. Inkonzo kaKristu iyoba seBandleni laKhe, impela nje njengaYe kuMoya, uma Efika ukuba athathe iBandla, ukuhlenga yonke into, bese liyenyuka.

222 Uyakukholwa lokho na? [Udade uthi, "Yebo, ngiyakholwa."—Umhl.] Ngisho lokho nje ngoba ngiyaziphumuza kancane. Uyabo, yi, imibono inzima. Lowo wesifazane oyedwa wathinta ingubo yaKhe, Wayesethi, "Ngiyabona amandla. . . " Naleyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Mina–ke isoni sav–. . . Niyabo? Uyaqonda na? ["Yebo."] Ehhe. Manje uma iNkosi uJesu izokwembula kimi izinkathazo zakho, uzo. . . ["NgiyaKubonga, Jesu."]

223 Manje ungethuki. Lokho ngeke kukulimaze. Unokuzwa okuxakile ngempela, uyabo. Lokho kungenkathi lokho kuKhanya kuzinza phezu kwakho. Manje uma lokho, ukuze abantu bezokwazi, phakamisa isandla sakho. Ukuze u. . . Okumnandi ngempela, ukuzwa okukahle ngempela, uyabo, uyabo, nje kuhambe phezu kwakho. Manje ubungeke nhlobo ukufihle ukuphila kwakho.

224 Uphethwe yisimo sesifo samankanka. Futhi lokho kunjalo. [Udade thi, "Yebo."—Umhl.] Unomuntu othile enhliziyweni yakho, omkhulekelayo. ["Yebo."] Kulungile, mnumzane, lowo ngumyeni wakho. ["Yebo."] Nalowomyeni unenkathazo ngamehlo akhe, okwabangelwa yisifo sikashukela. Futhi lokho kunjalo impela. Uyabo? Kulungile. Manje, manje kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi nobabili. . .Niyakholwa na? Kulungile, mnumzane. Manje–ke, ngokukholwa kwakho, makube kuwe, dadewethu. INkosi ikubusise. Yiba nokukholwa. Ungangabazi. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

225 Manje siyizihambi, futhi, nomunye nomunye. Uyakukholwa lokho na? Manje, ukuma eBukhoneni bomuntu kungekwenze uzizwe kanjalo. Uyabo? Uyazi ukuthi kuyinto engaphandle kwami. Mina nje nginjenge. . .Njengalelodeski nje lapho, yideski nje. Futhi mina ngingumuntu nje. Kodwa uyakholwa ukuthi useBukhoneni baKhe, hhayi obami; uBukhona baKhe na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Ngiyabonga. Uyabo? Uyakukholwa ngempela lokho, nawe. Futhi ufanele ukukholwe, ngoba ngibona isithunzi, uyabo. Manje ufanele ukholwe.

226 Manje uphethwe yizinkathazo zangaphakathi, izitho zangaphakathi. Ubenokuhlinzwa. Kunjalo. Wahlinzwa, futhi akulungi. Bekusalokhu kuhlupha. Kunjalo impela. Manje–ke unezinhlungu zekhanda ezinzima lapha ezikuhluphayo. Manje uyazi into ethize izofanele izazi lezozinto, ayikwazi na? Uyakholwa manje ukuthi ungakwemukela na? Uyakukholwa

na? Kulungile, hamba ukwemukele–ke, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

Wonke umuntu manje khulekani.

227 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayembula kimi into oyifisayo na? Ubungakukholwa ke, ukuthi bekungenzeka, leloqhubu eceleni kuwe belingasuka na? Kulungile, manje–ke hamba ukukholwe, bese kuthi–ke ku—kuzokwenza.

228 Ngiyazi ubuthakathaka. Angifuni ukukuhlalisa kungedluli engingakusiza ngakho. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Uyakholwa. Ngiyisihambi kuwe. ["Yebo."] Futhi asazani. Uma bengingakusiza, bengingakwenza impela, nenekazi. Benginga—bengingahamba ngezinyawo, ngigaqe, ngiphushe ikota ngekhala lami emigwaqeni yedolobha, ukuba ngikusize, ngoba u—usemusha, futhi usibekelwe.

229 Sengiyaqonda manje, emva kokuba sengikhulume kuwe futhi ngasho lokho, uyazi ukuthi yini engalungile. Ngakho uyazi ukuthi ufanele ufe masinya uma ungenzelwa into ethize. Unokugula kwabesifazane, kukwabesifazane kwakho, futhi yisimila. Ngumdlavuza. ["Yebo. Yebo."] Futhi ufanele ufe masinya uma uNkulunkulu engakusizi. ["Okunye futhi okukodwa inyanga . . . ? . . . "—Umhl.] Kunjalo. Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa na? ["Yebo, ngiyakholwa."] Buka, dade, lelo yi—lelo yilona kuphela ithemba lakho. Likholwe khona manje, ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uphilele uMbuso kaNkulunkulu.

230 Ngibeka izandla zami phezu kwenenekazi elincane, eGameni likaJesu Kristu, futhi ngilahla udeveli othatha impilo yalo. Kwangathi angasuka kulo, futhi kwangathi lentombazane ingaphila, ngenxa yoMbuso. Amen.

231 UNkulunkulu akubusise, dade. Kukholwe manje ngayo yonke inhliziyo yakho. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

232 Okunye, ithunzi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angaliphilisa futhi alisindise, alisuse kuwe na? Ubenokuzwa okuxakile ngenkathi lokho kunakekelwa, awuzange na? [Udade uthi, "Yebo."—Umhl.] Lona ngempela, empeleni lisukile kuwe khona lapho. Kunjalo. Manje kukholwe, ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi lizodeda kuwe. Hamba, ukholwe. UNkulunkulu akubisise. Kulungile.

233 Ngibuke, dade. Ufuna ukuhamba uyodla ukudla kwakho kwakusihlwa futhi uzizwe ukahle ngakho futhi na? Qhubeka nje. Lesosilonda sizosuka kuwe, futhi uzophiliswa futhi. Kulungile.

234 Bheka ngapha, nenekazi. Wethuswa yini na? Unesimo sokugula kwemizwa. Sekuyisikhathi eside kukuhlupha. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphilisa kulokho kugula kwemizwa futhi enze . . . Amaphesente angamashumi

ayisishiyagalolunye alezizethameli angqangqazeliswa yinto efanayo khona manje. Futhi lokho kunjalo impela. Uiyabo? Ufuna indawo yokubeka unyawo lwakho njalo. Wena, bonke bakutshela ukuthi, "Hlakanipha, futhi ukholwe *lokhu, lokho*." Kodwa ufanele ube nendawo yokuqalela. Ukuyo khona manje. Kukholwe, uzokukholwa na? IZwi likaNkulunkulu lithi ukhululekile. Uyakukholwa na? [Udade uthi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, hamba futhi ukhululeke kuleyonto. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, dade.

235 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa isifo sikashukela futhi akusindise na? [Umfowethu uthi, "Yebo."] Futhi uyakholwa na? Yiba ulokhu unyakaza nje, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu. Ngizohamba futhi ngikukholwe ngayo yonke inhliziyo yami."

236 Ukugula kwemizwa, inkathazo yamanenekazi, futhi unokugula kwabesifazane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu anga . . . Nenkathazo yesisu, futhi. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakusindisa na? Hamba, ujabula, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi."

237 Ngibheke, mnumzane. Uyindoda enamandla kakhulu, kodwa lokho kuguliswa yimizwa kubuthakathaka kakhulu. Uyakholwa ukuthi kuzophela kulobubusuku na? Hamba, kwemukele eGameni leNkosi uJesu. Kukholwe ngenhliziyo yakho yonke. Yebo.

238 Woza, dade. Bheka ngapha. Yebo, ngiyakubona uzama ukusukuma, ukhubazekile eceleni kombhede. Unesifo samathambo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Qhubeka nje, kukholwe, futhi uthi, "Jesu Kristu ngisindise," futhi kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho.

239 Dadewethu, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angasiphilisa ulesosifo sikashukela futhi akusindise, futhi na? Kulungile, hamba, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

240 Woza, nenekazi. Uzothanda ukukwenza ukholwe ukuthi uzosangana. [Udade ukhala kakhulu, "O!"—Umhl.] Kade ekutshela lokho, kodwa ungumqambi manga. Usukhululekile manje. ["O Nkulunkulu!"] Hamba ekhaya futhi ujabule, uJesu Kristu uyakukhulula. ["O! O Jesu! Jesu! Jesu! Haleluya!"]

241 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphilisa uleyonkathazo yesisu, akusindise na? Hamba, ujabula, uthi, "NgiyaKubonga, Nkosi Jesu."

242 Woza nenekazi. Manje into efanayo. Ungabavumeli bakutshele lokho. Kuyisimo sokugula kwemizwa. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, kulobubusuku na? Yilona themba lakho kuphela lokukwenza. Qala uhambe, ujabula, weneme, futhi umamatheka, futhi ube njengoba wawunjalo. Uyabo?

243 Niyakholwa ngazo zonke izinhliziyo zenu na? Bangaki okholwayo manje ngazo zonke izinhliziyo zenu? "Ngiyakholwa"? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyakholwa uJesu uyasindisa, neGazi laKhe lihlanza mhlophe kuneqhwa. Kukholweni!

244 Nithini ngani laphaya ezethamelini, niyakukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khulekani manje, nithi, "Nkosi Jesu indoda iqhelile kimi." Abanye benu emuva phakathi lapha ndawo ndawo, kulungile, khulekani futhi nikukholwe.

245 Lendoda ehlezi khona emuva lapha, inkathazo yenyongo. Uyakholwa uNkulunkulu uzoyiphilisa inyongo futhi akusindise na? Wena, kulungile, ukukholwa kwakho, uthinte Into ethize. Angiyazi, kodwa ithinte Into ethize. Uyabo?

246 Lelo nenekazi lijabula, eceleni kwakho lapho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphilisa isifo samathambo esikuwe, nenekazi, futhi akusindise na? Uyakukholwa na? Kulungile, ungaphakamisa . . . Ungaba nakho okwakho.

247 Lo ohlezi khona eceleni kwakho ngqo, unenkathazo ngeso lakho. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa leyonkathazo yeso futhi akusindise na? Kulungile, uma ukukholwa, ungaba nakho, futhi.

248 Ohlezi eceleni kwakho ngqo, unenkathazo ngendebe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzosiphilisa lesosimila endebeni yakho futhi akusindise na? Ungaba nakho okwakho, futhi.

249 Ngikuphosela inselelo ukuba ukukholwe. Amen. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu! Ungangabazi. Kholwa nje! Yiba nokukholwa!

250 Inenekazi lihlezi lapha, libuka emuva lapho ngobukhulu ubuqotho, lihlezi lapho liphethwe yinkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphilisa inkathazo yenhliziyo, futhi akusindise, nenekazi na? Uma ukholwa, ungaba nakho okucelayo. Ya.

251 Manje wena obeke iduku lakho laze layofika ebusweni bakho unenkathazo ngentamo yakho nangeqolo lakho. Kubangelwe yingozi yemoto. Washayeka emotweni, futhi ulimale entanyeni yakho neqolo. Uyakholwa ukuthi uzosinda na? Ungaba nakho okucelayo.

252 Kuthiwani phakathi *ngapha*, omunye phakathi ngapha ufuna ukukholwa na? Nakho kuhlezi inenekazi lingibuka, linokugula kwemizwa ngempela, lihlezi khona lapho lingibuka. Leyo yindodana yalo ehlezi eceleni kwalo, enenkathazo yenhliziyo. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoniphilisa nobabili. Niyakholwa, phakamisani izandla zenu, nithi, "Ngiyakwemukela." Khona–ke ningaphiliswa, eGameni likaJesu Kristu.

253 Izimilo zezimo zikaNkulunkulu zikhomba Yena uqobo. Niyakholwa ukuthi Ulapha na? Mangaki amakholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye ke, bekani izandla zenu phezu komunye nomunye. Bekani izandla zenu phezu komunye ngamunye, ke.

254 Baba wethu oseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, kwangathi udeveli angasuka kulezizethameli, futhi kwangathi angaphoswa ebumnyameni obungaphandle.

